# *EBukhoneni baKhe*

Ngiyabonga, Mfowethu Neville, iNkosi ikubusise ngempela ngokucebile.

Futhi sanibona kusihlwa, bangani. Kuyinhlanhla enhle kakhulu ukubuyela kulendlu lapha futhi kulobubusuku, nokuzwa obungehluleki neze uBukhona beNkosi yethu, njengoba Inikeza isithembiso. Futhi manje, ngiyazi ukuthi abaningi benu uhlalele okwaloMlayezo omncane kulobubusuku, okungukuthi ngibonga kakhulu. Futhi abaningi benu uzodingeka ashayele kade nokho kulobubusuku, ukufinyelela ekhaya. Abanye baphumile emahhotela abo abahamba ngezimoto, njengoba ngiqonda. Futhi sizozama ukunganibambezeleli kade, ngakho kungalesosizathu sifika kusenesikhathi ukuze sizophuma kusenesikhathi.

2 Futhi manje sizo, ngokushesha kakhulu nje engingakwenza, ngizomemezela uma sesiqala mhlawumbe, ngibe nezingcingo kule ntambama, ngazi ukuthi sasizoqala nini kulezi zincwadi, noma lesi izahluko. Futhi ngiyacabanga, uma iNkosi ithanda, ngifuna ukuthatha, esikhathini esilandelayo ukuthi siqala, ngeziMpawu eziyisiKhombisa zeSambulo, nezimpawu eziyisikhombisa zemvelo. Futhi, khona-ke uma siqeda ngesikhathi, sithathe izimpawu eziyisikhombisa kwingemuva leNcwadi, niyabo. Manje, lokho kungathatha isikhashanyana. Niyabo, kunezimpawu eziyisikhombisa ezimbuliwe; kunezinhlupho eziyisikhombisa, amacilongo ayisikhombisa, zonke lezo zikhombisa; futhi lezo zimpawu singazithatha kuqala. Kodwa-ke kwingemuva leNcwadi kunanyekwe ngezimpawu eziyisikhombisa. UDaniyeli wezwa amaphimbo, imidumo, futhi wenqatshelwa ukukuloba. UJohane wenqatshelwa ukuloba. Kodwa kwakunanyekwe ngophawu kwingemuva leNcwadi, okungukuthi, emva kokuba zonke izimfihlakalo zeNcwadi yabe isikhishiwe futhi yembulwa. Uyaqaphela uDaniyeli wathi lapho, "Izimfihlakalo ezinsukwini zalamaphimbo, imfihlakalo kaNkulunkulu isiyobe isisombululwe ngalesosikhathi." Niyabo, "imfihlakalo," ukuthi uNkulunkulu ungubani, Wenziwa kanjani waba yinyama, zonke lezizinto ziyofanele zisombululwe ngalesosikathi. Futhi khona-ke—khona-ke sesilungele iziMpawu eziyisiKhombisa kwingemuva leNcwadi, lokho akwembulwanga ngisho kumuntu, akulotshwanga ngisho eBhayibhelini, kodwa kuyofanele nje kuqhathaniswe ncamashi nalo lonke iBhayibheli, futhi ngicabanga ukuthi kuyoba into enhle.

3 Ngakho manje sizozama ukushesha ukuba sidlule. Ngiyanibonga nonke ngamunye ngomusa wenu nobukhona benu, na—nakho konke enikwenzile, siyanibonga kakhulu. Futhi

manje nge—ngethemba ukuthi ngeke sinigcine isikhathi eside kakhulu kulobubusuku, ngoba ninesineke kakhulu ukuhlala, ukuma. Umkami uthe emuva lapho, ubekhuluma ngakho izolo ebusuku, uthe, "Ngibone abesifazane abebebakhulu kakhulu ngisho, bemi lapho, nezingubo zabo zimanzi-te, bemi lapho, bebamba nje lonke iZwi." Yingalesosizathu ngithanda ukuhlala ngaphansi kogcobo lukaMoya oNgcwele, ukuthi uma uphuma utshela labo bantu iQiniso eliqotho, niyabo, futhi nje iQiniso lodwa. Futhi khona-ke bangahlala kuLokho futhi kuzoba kahle.

4 Manje ngifuna ukucela uxolo lwenu okwemizuzwana embalwa. Ngishiye kuse-eli kancanyana kulokhu ukusa. Futhi amateyipu acishiwe ngalesi sikhathi, futhi ngi—ngisesikhathini nje ukutshela abaqophayo uma sebevula iteyipu. Ngifuna ukuqedela *Ukubala Ngokuhlehla*, imizuzu emihlanu yakho, ngaphambi kokuba ngihambe. Ngikhohliwe futhi ngasuka ngahamba, ngithathwe kakhulu nje kulokhukusa ngaze ngaphuma nje ngingashongo lutho ngakho. Kodwa, ngithe ukunishiya, "Bekuyini ukubala ngokuhlehla na? Niyabo? Ngiyazi ukuthi sisekubaleni ngokuhlehla, kodwa kuyini ukubala ngokuhlehla na? Niyabo? Uma ungazi ukuthi kuyini ukubala ngokuhlehla, khona-ke uzothi ukuba nokudideka. Futhi ngakho ngi—ngingathanda uku—ukususa lokho, nje, futhi ngizame ukuba sethonini efanayo ebengikuyo ukuqedela leteyipu manje, ukuze iteyipu iphume, *Ukubala Ngokuhlehla*. Manje nonke nizongithethelela okwesikhashana nje, futhi ngifuna ukuqedela leyoteyipu. Ningakwenza nje okwesikhashana, khona-ke sizoqala ngenye? [Ibandla lithi "Amen."—Umhl.] Futhi manje—manje iziqophamazwi zamateyipu, uma nithanda, qhwabazani amateyipu enu manje.

[Akuqoshwanga eteyipini. UMfowethu Branham uyachaza ezigabeni 4-5 ukuthi ufake lengxenye elahlekile entshumayelweni yakhe yasekuseni eyethiwe ngokuthi *Ukubala Ngokuhlehla*, njengezigaba 106-111—Umhl.]

5 Ukungena nje uvela ezindaweni ezahlukene, futhi sibe nesikhathi esikhulu emilayezweni emithathu yokugcina, yokukhuluma ngendaba ye—yezimfundiso ezehlukene nokunye nokunye esikulethe ngaphambili. Ngiyakhumbula nje ngalesisikhathi ngifanele nginike isikhala esincane phakathi lapho, nina bantu abaseteyipini, ukuze niguqule amateyipu enu. Ngizonitshela uma sekulungele ukuba nivule. Kulungile. Manje, ngifanele ngibhekisise lokhu. Kubonakala sengathi yisigejane esenziwe saba esiqondile, kodwa labo bafana ufanele athole iteyipu. Futhi ngeke bathole konke kuxovekile; uma bekwenza, abantu ngaphandle lapho ngeke bakuqonde. Ngakho sizofanele sikuthathe ngalendlela. Futhi uma othize ezovele aphume nje endlini angenzele isayini lapho, Junior, uma sebekulungele ukuwelisela amateyipu ngale. Ngiyabonga kakhulu, bafo,

ngiphinde ngiyasho futhi, ngawo wonke umusa wenu nayo yonke into. Kulungile, sesilungele manje, ningawavula.

6 INkosi inibusise. Siyajabula ukuba lapha etabernakele futhi kulobubusuku. Indawo igcwele iyachichima abantu abaningi bemi nxazonke futhi kulobubusuku, ngezinsuku ezintathu ze . . . noma izikhathi ezintathu zenkonzo. Ngingathanda ukuthi uma noma ubani olalela le teyipu, ukuthi bengathanda ukubuyela emuva futhi bathole iteyipu yayizolo ebusuku. Itadishe ekhaya lakho. Yi—yisigaba samanje senkonzo iNkosi engiphe yona. Ikakhulukazi ngingathanda ukuthi abafundisi bakuzwe lokho ngaphambi kokuba ngivakashele amabandla abo futhi ngingene emakhaya abo. Manje ngingathanda ukuba bona baku—kuthole lokho. Manje, kulokhu ukusa sikhulume ngendaba ethi *Ukubala Ngokuhlehla*, iBandla lilungele ukuhamba.

7 Futhi manje kulobubusuku, uNkulunkulu ethanda, sikhuluma ngendaba yokuthi *EBukhoneni BaKhe*. Futhi, o, sibonga kakhulu kanjani uNkulunkulu ngenhlahla ukuthi singangena eBukhoneni baKhe. Kodwa, okokuqala, ngifisa ukuba nonke niphenye emaBhayibhelini enu kanye nami kumprofethi u-Isaya, isahluko 6 somprofethi u-Isaya. Sonke siyazi ukuthi u-Isaya wayengumprofethi omkhulu, futhi omunye wabaprofethi abakhulu bosuku lwakhe. Waqeda impilo yakhe ngokuthi anqunywe ngesaha ngamasaha, okobufakazi, njengomfelukholo emandleni kaNkulunkulu uSomandla. ENcwadini ka-Isaya, isahluko 6, ngiqala ngevesi 5, ukufunda. "Ngase ngithi, 'Maye kimi!' Ngokuba . . . " Mhlawumbe ngiqala ngevesi 1. Ngithetheleleni umzuzwana nje. Asiqale ngevesi 1 bese sifunda sehle kuze cishe kube ivesi lesi 8.

> *Ngomnyaka wokufa kwenkosi u-Uziya ngabona iNkosi ihlezi esihlalweni sayo sobukhosi, esiphezulu futhi esiphakemeyo, futhi umsila wengubo yayo ugcwalisa ithempeli.*
>
> *Ngaphezu kwakhe kwakumi amaserafi: yilelo nalelo* li*namaphiko ayisithupha; futhi ngamabili lamboza ubuso, nangamabili lamboza izinyawo, nangamabili landiza.*
>
> *Futhi elinye lamemeza kwelinye, futhi lathi, Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNKOSI uNkulunkulu wamabandla:* futhi *wonke umhlaba ugcwele inkazimulo yakhe.*
>
> *Futhi izinsika zomnyango zathuthumela ngezwi lomemezayo, futhi indlu yagcwala umusi.*
>
> *Ngase ngithi, Maye kimi! Ngokuba ngiphelile; lokhu ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile, futhi ngihlezi phakathi kwabantu abazindebe zabo zingcolile: ngokuba amehlo* ami *abonile iNkosi, iNKOSI yamabandla.*

*Kepha landizela kimi elinye lamaserafi, liphethe ilahle elivuthayo esandleni salo, elalilithathe ngodlawu ealtare:*

*Futhi lathinta umlomo wami, futhi lathi, Bheka, lokhu kuthintile izindebe zakho; futhi nobubi bakho sebususiwe, nesono sakho sihlanguliwe.*

*Futhi ngezwa izwi leNkosi, lithi, Ngiyakuthuma bani, futhi ngubani oyakusiyela na? Ngase ngithi, Bheka nangu mina; ngithume mina.*

8 Kwangathi iNkosi ingabusisa iZwi laYo. Ngicabanga ukuthi lona ngumBhalo ogadlayo kakhulu. Sithola ukuthi, eBukhoneni bukaNkulunkulu, amadoda azibona ukuthi ayizoni. Singazizwa kahle kakhulu uma siphumele ezindaweni ezahlukene, futhi sizizwe sengathithi singabantu abakahle kakhulu, kodwa uma sike safika eBukhoneni bukaNkulunkuu, khona-ke siyazibona ukuthi sibancinyane kanjani.

9 Ngimile kungekudala no—nomngane wami engaba nenhlanhla yokumholela kuKristu, uBert Call, phezulu eNew Hampshire, umzingeli onguphathina, sasimile ngaseCold Brook Falls phezulu e-Adirondack, futhi kwakuyizimpophoma ezinkulukazi. Ngithathe umndeni wami ngonyaka odlule phezulu lapho ukuyibuka. Emuva le emgwaqeni, ufanele ukhwele ubuyela emuva ukuze ufike kuyo. Futhi lapho sibona lawomanzi al'hlaza sibhakabhaka al'hlaza satshani ethululeka ngamandla amakhulu ephuma ezintabeni, futhi ephophozela phansi phezu kwamadwala, uBert wama lapho futhi wangibuka, futhi wathi, "Wowu, Billy, kwenza indoda izizwe nje incane *kakhulu*," walinganisa cishe ikota ye-intshi ngeminwe yakhe. Futhi ngathi, "Kunjalo, Bert." Manje, yilokho konke ayekwazi ekufikeni eBukhoneni bukaNkulunkulu, ukubona okudaliwe kwaKhe.

10 Ngiyamangala ukuthi indoda eyabhala elithi *UMkhulu Kangaka*, uma yayingabukanga phezulu ngobunye ubusuku futhi ibuka izinkanyezi, ukuthi ziqhele kude kangakanani! Ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, uMfowethu Fred, uMfowethu Wood nami, ngangimi noMfowethu Mc Anally ngaphandle ogwadule lase-Arizona, sasilinganisa, sizama, inkanyezi eyodwa, ukuthi yayisondele kangakanani kwenye. Futhi ngezigidi nezigidigidikazi zamamayela ukuqhela, zazingabukeki ngaphezu kwekota leyintshi ukusuka kwenye. Khona-ke siqala ukucabanga, ngokobufakazi besayense yalokho, lezo zinkanyezi mhlawumpe ziqhele kakhulu kwenye nenye njengoba sinjalo kuzo. Niyabona ukuthi kukanjani na?

11 Khona-ke siyaqonda ukuthi sibancane kangakanani uma siqonda ukuthi Mkhulu kangakanani, nokuthi sisondele kangakanani ekufikeni eBukhoneni baKhe. Ngandlela-thize noma okunye, kuphosa njalo umthelela omkhulu phezu

kwabantu ukungena eBukhoneni bukaNkulunkulu. Ngibonile isikhathi enkonzweni yami lapho obungabuka uBukhona bukaNkulunkulu buza endaweni enjalo ukuthi buzoletha umuntu phezulu futhi nje bembule ukuphila kubo, futhi bubize bukhiphe izono zabo zazozonke izinhlobo zezenzo zokuziphatha kabi, futhi kuletha ukuthula okungcwele phakathi kwabantu baze baphume emgqeni womkhuleko ngaphambi kokuba benyukele ukuba bakhulekelwe, futhi bagijimele e-altare bese belungisana noNkulunkulu ngaphambi kokuba benyukele eBukhoneni baKhe. Niyabo, kunokuthize ngokungena eBukhoneni bukaNkulunkulu, kubangela ukuthi izinto zenzeke. Ngibabonile abantu belele emibhedeni eyizinhlaka nezinhlaka.

12 Ngalobo busuku ezansi lapho eMexico, ngenkathi leyongane encane efile ilele ngaphansi kwengubo yokulala, ukuthi umama omncane waseSpain wayikhuphula, noma umama omncane waseMexico, njalo, wayikhuphula. Lapho bebone, izinkulungwane eziningana zalabobantu zabona, mhlawumbe amashumi amahlanu noma amashumi ayisikhombisa nesihlanu enkulungwane embuthanweni owodwa, babona leyongane encane efile ivuka, abesifazane baquleka, abantu baphakamisa izandla zabo futhi bakhala kakhulu. Kungani na? Baqonda ukuthi isidalwa esingumuntu sasingeke sakwenza lokho, ukuthi babeseBukhoneni bukaNkulunkulu uSomandla. Futhi kwabangela ukuthi kwenzeke okuthile.

13 Ngibe nenhlanhla ukuzwa amadoda amesabayo uNkulunkulu ekhuluma. Kwashiwo ngesinye isikhathi ngoCharles Finney, umfo omncanyanyana, owayengasindi ngaphezu cishe kwamaphawondi ayikhulu neshumi, kodwa wayenendlela enamandla kakhulu yokukhuluma kuze... Wayezama ukuzwakala komsindo ngelinye ilanga endlini. Babengenazo izipikha nombhobho ngaleyonkathi. Futhi kwakukhona indoda ilungisa, phezulu kuvulande osesitezi, noma phezulu ophahleni lwendawo, futhi wezwa indoda ingena, ngakho yayingazi ukuthi babengobani, yavele yathula. Futhi uMnu. Finney wayezozama ukuzwakala komsindo. Emuva kokuchitha isikhathi esiningi emkhulekweni enzela leyomvuselelo ayezoyibamba, wazama iphimbo lakhe ukubona ukuthi lizophatha kanjani. Wathi shelele masinyane wenyukela epulpiti, wathi, "Phendukani, noma nibhubhe!" Futhi wathi kwakungamandla—mandla amakhulu, emva kokuba ngaphansi kogcobo lukaNkulunkulu, indoda yaze yaqathaka phezulu kuvulande osesitezi, phansi kwiphansi lendlu, noma, yaphuma esicongweni sendlu, yehlela kwiphansi lendlu.

14 Washumayela iVangeli ngendlela yokuthi waze wama eBoston, eMassachusetts, efasteleni elincane eliphumele phandle, ngoba alikho ibandla alalingababamba isixuku sakhe. Futhi wama lapho nokuphoqa okunamandla, futhi washumayela isihogo indawo enjalo, kwaze kwathi indoda

esebenzayo nobhasikidi babo phansi kwezingalo zabo, bawela emgwaqeni futhi yakhalela umusa. EBukhoneni bukaNkulunkulu! Abashumayeli abakhulu obekade ekwazi, ngeZwi likaNkulunkulu, ukuletha uBukhona bukaNkulunkulu ezethamelini. Makube kude ukuthi indoda iyoke ishiswe kakhulu ezinhliziyweni zawo aze angabe esabuqonda uBukhona bukaNkulunkulu. Makube kude!

15 Ngenkathi umuntu wokuqala, kwathi nje angona futhi wenza okuthile okungalungile, futhi ngenkathi uNkulunkulu engena ebukhoneni bakhe, noma, wangena eBukhoneni bukaNkulunkulu, "u-Adamu," wayengenakuma eBukhoneni bukaNkulunkulu. Wagijima wazifihla ehlathini futhi wazama ukuzemboza ngeqabunga lomkhiwane, ngoba wayazi ukuthi wayemi eBukhoneni bukaJehova, uMdali. Lokho kwakuyindlela yokuphendula kumuntu wokuqala, emva kokuba wayonile futhi wazama ukungena eBukhoneni bukaNkulunkulu nesono emphefumulweni wakhe. Wayengenakucasha, ngoba wayesathambile okwamanje. Isono sasingababambelele njengoba sigxilile ezinhliziyweni zabantu namuhla, kodwa wayazi kahle ukuthi wayemi phambi koMdali wakhe. Manje, wazifihla ehlathini futhi wayengeke aphume, futhi akaphumanga waze uNkulunkulu wenza ukumlungiselela.

16 Singabuyela emuva, futhi sithathe uGenesise isahluko 17 nevesi lesi 3, lapho ukhokho omkhulu, u-Abrahama, ngenkathi engena eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wakhuluma kuye (esahlukweni 17) eGameni likaNkulunkulu uSomandla, u-Abrahama wawa ngobuso. Lowo khokho omkhulu, inceku kaNkulunkulu, yayingenakuma eBukhoneni bukaNkulunkulu, nakuba yayiMkhonze iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, ngokwethembeka. Kodwa lapho uNkulunkulu engena ebukhoneni bakhe, ukhokho wawa ngobuso ngoba wayengenakuma eBukhoneni bukaNkulunkulu.

17 Ku-Eksodusi 3, sithola ukuthi uMose, inceku enkulu nomprofethi kaNkulunkulu, ngenkathi wayesemuva kwingemuva logwadule, leyondoda kwakuyindoda engcwele. Wayezalelwe inhloso. Wazalwa esibelethweni sikamama ukuba abe ngumprofethi. Wazama ukuthola imfundo yakhe nokwenza yonke into ayengayenza ukukhulula abantu bakhe, ngoba waqonda ukuthi wayezokhulula abantu bakhe, kodwa lapho ekuqonda ngokubuka ngokwesayense yezenkolo. Waqeqeshwa. Wayefundiswe kahle. Wayengafundisa abaseGibhithe ukuhlakanipha, owayengabantu abahlakaniphe kakhulu emhlabeni. Wayeyazi yonke imininingwane. Wayazi umBhalo kusukela ku-A kuya ku-Z. Wayezazi izithembiso uNkulunkulu ayezenzile. Wayezazi kusukela ekuboneni kokuhlakanipha. Futhi wayeyi—yindoda enkulu yempi. Kodwa ngelinye ilanga kwingemuva logwadule, ngenkathi engena eBukhoneni bukaNkulunkulu, wadluthula isicathulo sakhe futhi wawela

e—ezinyaweni zakhe, azi ukuthi wayesemhlabathini ongcwele. Wayengenakuma ngezinyawo zakhe lapho engena eBukhoneni bukaNkulunkulu, wawa ngobuso njengoba kwenza u-Abrahama. Wayengenakuma eBukhoneni bukaNkulunkulu.

18 Ku-Eksodusi 19:19, lapho abantu bakaNkulunkulu abakhethiwe kusukela emuva le ezinsukwini zika-Abrahama, ku-Abrahama kufika u-Isaka, ku-Isaka kufika uJakobe, kuJakobe kufika okhokho, futhi iminyaka emva kweminyaka kwakhula amadoda angcwele, amadoda amakhulu, abantu abakhethiweyo, uhlanga olukhethiweyo, abangcwelisiwe, abantu abangcwele, futhi babekhonze uNkulunkulu impilo yabo. Futhi ngeliny'ilanga uNkulunkulu wathi, "Buthela u-Israyeli ngaphandle lapha, Ngizokhuluma kubo."

19 Kodwa lapho uNkulunkulu wayehlile esiqongweni seNtaba iSinayi, nentaba yonke yavutha, futhi intuthu yayishunqa njengesithando somlilo, futhi iPhimbo likaNkulunkulu labhonga. U-Israyeli wawa ngobuso wayesethi, "Makukhulume uMose, futhi hhayi uNkulunkulu, funa sife." Umuntu, eBukhoneni bukaNkulunkulu, uyaqonda ukuthi uyisoni! Nokho babe, bonke, babesokwe ngokoMthetho. Babethwale imiyalo nakho konke, kepha ngenkathi uNkulunkulu wayekhulumile futhi benyukela eBukhoneni baKhe, baqonda ukuthi babephandle, babe—babengalungile, kwakukhona okwakusilele, ngoba babeseBukhoneni bukaNkulunkulu. Yebo. Futhi bathi, "Makukhulume uMose, futhi hhayi uNkulunkulu, ngokuba uma uNkulunkulu ekhuluma sonke sizofa. UMose makakhulume kithi."

20 KwakukuLuka 5:8, ukuthi lapho uPetru. . .o, ngenkathi wayeyindoda enkulu enenkani, nendoda yokuthonya okukhulu, amandla amakhulu esiwaqondayo. Wayenjengengqwele, umdobi owaziwayo. Kodwa lapho ebone isimangaliso sikaNkulunkulu senziwa nguMuntu ojwayelekile, kwakubonakala kanjalo, okungukuthi waqonda ngalesosikhathi ukuthi lokho kwathatha ngaphezu komuntu ukuphosa zonke lezozinhlanzi enethini lapho yena, nayo yonke imfundo yakhe, ulwazi lwakhe lokudoba, babedobe ubusuku bonke futhi abathatha ngisho utho. Kodwa wezwa Omunye ethi, "Phosa inetha lakho phakathi."

21 Futhi lapho eqala ukudonsa, waba nenqwaba yezinhlanzi, futhi waqonda ukuthi wayeyindoda eyisoni. Futhi wathi, "Suka kimi, O Nkosi, ngoba ngingumuntu oyisoni." Ubani owasho lokho na? UPetru oNgcwele, eBukhoneni bukaNkulunkulu, wacela uNkulunkulu ukuba asuke ebukhoneni bakhe, ngoba wazibona qobo lwakhe eyisoni.

22 U-Abrahama wazibona ukuthi u "ngongalungile." U-Adamu wazibona ukuthi u "ngongalungile," owayeyindodana kaNkulunkulu, wazibona e "ngongalungile." UMose wazibona ukuthi u "ngongalungile." U-Israyeli, njengebandla nesizwe,

bazibona ukuthi aba "lungile." "Suka kimi, ngokuba ngingumuntu oyisoni." Akazamanga ukuthi athi, "Manje, ngingcwele futhi ngifanelekile ukwemukela lokhu." Wathi, "Ngingumuntu oyisoni."

23 Ngesinye isikhathi abazenkolo besitayela, ngayo yonke isayense yezenkolo ayengayifunda ngaphansi kukathisha omkhulu ogama linguGamaliyeli, igama lakhe kwakunguSawulu waseTarsu, esimazi njengoPawulu, engokholwayo ngakho konke. Wayeyazi yonke imininingwane yenkolo yabo. WayengumFarisi wabaFarisi, nomHeberu wabaHeberu. Wayeyindoda eyaziwayo, isifundiswa, ohlakaniphile, onobuqili, ofundisiwe, wayezisho ukuthi wayazi uNkulunkulu kusukela ebuntwaneni kukhuphuke. Kodwa ngelinye ilanga esendleleni yakhe eya eDamaseku, leyoNsika yoMlilo yakhanya phezu kwakhe futhi wawela kwezakhe. . . esuka ezinyaweni zakhe, eya emhlabathini, othulini, futhi wathi, "Nkosi, Ufuna ngikwenzeleni?" Konke ukuqeqeshwa kwakhe okukhulu, konke ukuqeqeshwa kwakhe okukhulu kwesayensi yezenkolo, konke okwemfundo yakhe kwakungasho utho ngenkathi eme eBukhoneni bukaNkulunkulu.

24 Ngingathanda ukuma lapha umzuzu nje bese ngisho into efanayo. Ungahle ukuba uthole iD.D, iPh.D., noma yini ongahle ube yiyo, kungahle ukuba uye ebandleni kusukela usengumntwana, kungahle ukuba wenze zonke izenzo zenkolo ezikhona, kepha kanye eBukhoneni bukaNkulunkulu uzozizwa umncane kakhulu futhi ungabalwa.

25 UPawulu waqonda ukuthi wayengalungile, futhi wawela emhlabathini, ngaphansi kokuthonya naMandla. Lapho ebheka phezulu futhi wayebone yena impela uNkulunkulu ayekade eshumayela ngaye, futhi. . .ngokumelene, futhi wayecabanga ukuthi wayazi, futhi ebonile ukuthi wayengalungile, wawa ngezinyawo zakhe, emhlabathini, ngoba wayeseBukhoneni bukaNkulunkulu. Wayebone leyoNsika yoMlilo.

26 Kuthiwani ngoJohane oNgcwele omkhulu weSambulo 1:7, ngenkathi eboniswa umbono, futhi wabuka, futhi wezwa iZwi likhuluma naye. Futhi waphenduka ukuba abuke abone iZwi, futhi wabona izinti zezibani eziyisikhombisa zegolide. Futhi Lowo owayemi phakathi kwezinti zezibani eziyisikhombisa zegolide, nezinwele njengoboya, amehlo anjengamalangabi omlilo, izinyawo njengezinsika zethusi, Wayebhince ibhande legolide lizungeze amabele, futhi Wayebizwa ngokuthi iZwi likaNkulunkulu. Futhi lapho uJohane oNgcwele omkhulu wayekade ehambe noKristu, wancika esifubeni saKhe, lapho enze zonke lezi zinto! Njengoba ngishilo kulokhu ukusa, inkonzo kaPawulu yazedlula zonke. Lapha emva kokuba uJohane wayehambe noJesu, wakhuluma naYe, walala naYe, udla naYe, kodwa lapho eMbone emi lapho, leso simo esikhazimulisiwe,

wathi wawa njengomuntu ofile ezinyaweni zaKhe. Amen. Cabanga ngakho!

27 Singafika ebandleni futhi sixoxe futhi sidumise uNkulunkulu, nokunye nokunye, kodwa, o, mfowethu, uma siMbona eza, into ethize izokwehluka ezinhliziyweni zethu! Singahle sicabange ukuthi senza umsebenzi wethu wenkolo ngokuya ebandleni futhi sikhokhe izishumi zethu. Singahle sicabange ukuthi sigcina imithetho yebandla futhi sisho ngekhanda zonke izimvumo-kholo, kodwa ake sithole ukuMbuka kanye, yonke into ishintshile yonke indlela kuzungeze. Yebo, kuqinisekile.

28 Lendoda enkulu, uJohane oNgcwele, indoda enkulu njengaleyo, iBhayibheli lasho eSambulweni 1:7, ukuthi "wawa njengomuntu ofile." Emva kweminyaka emithathu nengxenye yokuhlanganyela noKristu, wayengomunye wababhali beziNcwadi, wabhala ngaYe, badla naYe etafuleni, balala naYe embhedeni, futhi bahlanganyela naYe nomaphi lapho Ayeya khona, kodwa lapho ephendukile ukuba aMbone, wayengenakho ukuphila okusele kuye. Wazizwa njengomuntu ofile kwiphansi lendlu, noma emhlabathini. Kulungile.

29 Sibona u-Isaya, ku-Isaya 6:5, njengoba nje sifundile, lomprofethi omkhulu onamandla, ungomunye wabaprofethi abakhulu kunabo bonke eBhayibhelini. Kukhona iziNcwadi ezingamashumi ayisithupha nesithupha zeBhayibheli; kukhona izahluko ezingamashumi ayisithupha nesithupha ku-Isaya. U-Isaya uqala kuGenesise, imaphakathi lika-Isaya uletha eTestamenteni eLisha, ekugcineni kuka-Isaya uletha iminyaka eyiNkulungwane; uGenesise nje ngqo, iTestamente eLisha, neSambulo. Ukuphelela! UIsaya wayengomunye wabaprofethi abakhulu. Kodwa ngeliny'ilanga wayencike engalweni ka-Uziya inkosi enkulu, u-Uziya wayethathiwe kuye, futhi wayephansi. Futhi wayengumfo omuhle kakhulu, wayeyindoda ekahle elungileyo, uma leyonkosi elungile (inkosi enhle) yamqonda njengendoda engcwele futhi yamgcina ethempelini lakhe.

30 U-Isaya wabona imibono. Wayengumprofethi. U-Isaya washumayela iZwi. Wayengumfundisi. U-Isaya wayengumuntu ongcwele. Kodwa ngelinye ilanga, emi ethempelini, wehlelwa yisiyezi futhi wabona iNkazimulo kaNkulunkulu. Wabona iziNgelosi ngamaphiko azo phezu kobuso baZo, amaphiko phezu kwezinyawo zaZo, zindiza ngamaphiko, zimemeza, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele iNkosi uNkulunkulu uSomandla!"

31 Lowo mprofethi waqonda ukuthi wayengelutho. Wathi, "Maye kimi, ngokuba ngingumuntu ozindebe zingcolile." Umprofethi, umprofethi onamandla kakhulu weBhayibheli, omunye wabo. "Ngingumuntu ozindebe zingcolile, futhi ngihlala phakathi kwabantu ozindebe zingcolile. Maye kimi, ngoba ngibona iNkazimulo kaNkulunkulu."

32 Futhi wathi, ngenkathi leyoNgelosi imemeza, “izinsika zethempeli zazamazama emuva naphambili.” Mfowethu, lokho kuzokwenza u . . . Akusizo izinsika zethempeli kuphela ezizozamazama, kodwa onke amazulu nomhlaba kuzozamazama lapho Efika futhi. Izintaba ziyobaleka, nolwandle luyonyamalala, futhi lumpompoloze, “Sifihleni ebusweni baKhe ohlezi esiHlalweni sobukhosi.” Kuyoba yisikhathi esibi kakhulu. Ngiyanitshela, mngane oyisoni, kungcono ukuhlole. Kulungile.

33 Manje, u-Isaya wathi, “Maye kimi, ngingumuntu ozindebe zingcolile, futhi ngihlala phakathi kwabantu abangcolile. Futhi nginguye, lababantu unezindebe ezingcolile.”

34 Manje khumbulani, uma amadoda angcwele kanjena azibona wona eyi “zoni” eBukhoneni bukaNkulunkulu, yini isoni kanye nongamesabi uNkulunkulu ayokwenza ngaloloSuku na? Bayokwenzani abantu abahlezi emhlanganweni na? Bayokwenzani abantu ababone aMandla kaNkulunkulu, ozwile ukubalwa ngokuhlehla eZwini, obone uNkulunkulu ezibonakalisa Yena uqobo, futhi (ngale kokungabaza) wonke umBhalo ugcwalisekile, futhi usazozama ukuya eZulwini ngaphandle kokuzalwa ngokusha futhi emukele uMoya oNgcwele na? IBhayibheli lathi, “Uma olungile esindiswa kanzima, uyobonakala kuphi oyisoni nongamesabi uNkulunkulu na?” Hlobo luni lwendawo esiyoma kuyo uma sibona uNkulunkulu ezembula Yena uqobo phambi kwethu ngqo, futhi sibone iNkazimulo kaNkulunkulu ngokufanayo nje njengoba lawomadoda enza, futhi lolohlobo lwamadoda lwakhala, abaprofethi nezazi kulowo iZwi elibekwe kuye na? Uma bamemeza, futhi bawa ngezinyawo, futhi bampompoloza, “Ngingumuntu ozindebe zingcolile, ukungcola,” kuyoba njani-ke kulowo muntu ongeke ngisho avume izono zakhe na? Kuyoba njani kulelobhungu netshitshi elingeke livume izono zalo owesilisa noma owesifazane na? Kuyoba njani kuleyondoda enenhliziyo el’khuni ecabanga ukuthi yazi kakhulu ngokudaliweyo kukaNkulunkulu kunokuba uNkulunkulu enza qobo lwaKhe na? Kuyokwenzekani kuleyondoda echithe konke ukuphila kwayo izama ukuphikisa iBhayibheli na? Uyobonakala kuphi lowomfo na? Cabanga ngakho!

35 Lokhu ngukuvangela. Lesi yisikhathi sokuzamazamisa abantu. Lesi yisikhathi uNkulunkulu athi sizofika, Wazamazamisa iNtaba iSinayi ngesinye isikhathi kodwa kuzofika ukuzamazamisa futhi, ukuthi A “kayikuzamazamisa iNtaba iSinayi kuphela, kepha Uyozamazamisa yonke into engashukunyiswa.” Kodwa niyiqaphelisisile yonke imiBhalo na? “Kodwa semukela uMbuso ongayikushukunyiswa!” Haleluya! Yonke into engazanyazanyiswa iyozanyazanyiswa. Amazulu ayozamazama. Umhlaba uyozamazama. “Amazulu nomhlaba kuyokwedlula, kodwa leloZwi alisoze ledlula.

Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese awayikuLehlula." Yonke into engazanyazanyiswa iyozanyazanyiswa. Kodwa semukela uMbuso oyiZwi likaNkulunkulu uQobo, futhi uNkulunkulu uyiZwi laKhe. Akazizamazamisi Yena. Amen! O, he! "Kodwa semukela uMbuso ongayikushukunyiswa," awunakuzanyazanyiswa, kwasho uPawulu umbhali wamaHeberu.

36 Umuntu onjalo futhi indoda enjalo, isikhathi esinjalo nokuthi bakuzwa kanjani! Sinakho futhi, qobo lwethu, sibonile iNkazimulo kaNkulunkulu njengoba kwenza lababantu. Impela. SiYibonile. Sibonile iNkazimulo kaNkulunkulu njengoba u-Abrahama aYibona. Siyibonile iNkazimulo kaNkulunkulu njengoMose aYibona, iNsika yoMlilo efanayo, aMandla kaNkulunkulu afanayo, uKristu ofanayo un-. . . ezembula Yena, ezikhombisa Yena, egcina iZwi laKhe ngosuku lokugcina. Singafika kanjani-ke, futhi sihambe futhi siYiphathe kalula kakhulu na? Singahamba kanjani sizungeze futhi sibambe izivumokholo zethu namahlelo, futhi singathathi iZwi likaNkulunkulu na? Kuyobanjani kithi ngalolo Suku na? Kuyokwenzekani kithi, lapho sibone iNkazimulo kaNkulunkulu na?

37 Abanye abantu bayoma futhi behlekise ngaYo, abanye bayoYihleka, abanye bayoYibiza ngobuhlanya, abanye baYibiza ngokufunda umqondo, abanye baYibiza ngoBelzabule, abanye baYibiza ngeny'into noma enye. Njengoba zinjalo izaga ezindala, "Iziwula ziyohamba ngezicathulo ezinezipikili lapho iziNgelosi zesaba ukunyathela khona." Kunjalo. "Isiwula sithi enhliziyweni yaso, 'Akekho uNkulunkulu.'" Lapho ebona uNkulunkulu ebonakaliswa ngokuphelele kakhulu ngeZwi laKhe uQobo (hhayi ngesivumokholo; kodwa ngeZwi laKhe), bese-ke zihambe phezu kwaYo futhi bahlekise ngaYo, uyisiwula. Ngoba, kungukuthi, uNkulunkulu uyiZwi, futhi uNkulunkulu wazenza Yena wabalula kuye, futhi uyisi "wula," iBhayibheli lasho. Kuyobanjani kuye uma eyofanele ame kuleyondawo na? Kuyoba—kuyoba ngokwesabekayo kulowomuntu ngaloloSuku, ongamesabi uNkulunkulu.

38 Izoni eziphendukile, nokho, azinakho ukwesaba. O, qhabo. Isoni esizophenduka, siyazi ukuthi kukhona uMhlatshelo wegazi olindele, ukuma esikhundleni sakhe. Yilokho okunginika induduzo. Ngibonile iNkazimulo kaNkulunkulu. Ngiwezwile amandla aKhe. Ngiyakwazi ukuthinta kwesandla saKhe. Ngiyakwazi ukuthinta kokujezisa kwaKhe. Ngiyazi ukuthi UnguNkulunkulu. Futhi ngiyazi ngiphelile, kodwa kukhona Oyedwa ongimele. Amen. Kukhona Oyedwa Omi lapho futhi uthi, "Baba, beka bonke ububi bakhe phezu kwaMi, ngoba waNgimela phansi emhlabeni." Haleluya! Khona-ke ngiya esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, ngesibindi, nginomusa enhliziyweni yami, ukwazi ukuthi akuyi ngemisebenzi emihle,

kodwa ngomusa waKhe ngisindiswe. Akusikho engingakwenza, lokho engingakujoyina, lokho engingakusho; kodwa kungomusa waKhe ukuthi Wangisindisa.

39 Akumangalisi imbongi eyabamba lokho, yampompoloza kakhulu, "Umusa omangalisayo, umsindo omnandi kangaka, owasindisa olusizi njengami. Ngangilahlekile, kodwa manje sengitholiwe; impumputhe, kodwa manje sengiyabona."

40 Ngingake ngize ngiye kanjani eZulwini na? Ungake uye kanjani eZulwini na? Ngeke sikwenze, thina, futhi akukhondlela kithi ukukwenza. Kodwa kukhona Oyedwa owenza indlela. Futhi UyiNdlela. Futhi singena kanjani kuYe na? NgaMoya munye, uMoya waKhe, sabhaphathizelwa emzimbeni Munye oyovuswa njengomkhondo. Sizophuma emhlabeni njengosonkanyezi balolusuku lokugcina okholweni lukaNkulunkulu. Amen. Impela. Izoni eziphendukile azidingi ukukhathazeka, Othize ulapho endaweni yabo.

41 O, khona-ke emva kokuba sesingenile eBukhoneni baKhe manje, futhi siyazi kade siseBukhoneni baKhe, siMbonile enza izinto Azenzayo ngenkathi Wayelapha emhlabeni. Uwazi kanjani u. . . Uwazi kanjani umvini owubukayo na? Ngenxa yesithelo osithelayo. Ulazi kanjani ibandla oya kulo na? Ngesithelo esilithelayo. UJesu wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza. Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

42 Manje, siyabona ukuthi Akakaze asigcobe ukuba sihambe senze amahlelo. Akakaze asigcobe ukuba sihambe senze izivumokholo. Kodwa Wasixwayisa ngokumelene nokunjalo. "Ngokuba lowo oyosusa noma yini kuYo noma engeze noma yini kuYo, okufanayo kuzokhishwa, ingxenye yabo, eNcwadini yokuPhila." Niyabo?

43 Ngakho, asigcotshelwe ukwenza lutho kodwa ukuhlala naleloZwi. Futhi uma umuntu ethunywe nguNkulunkulu, uzohlala neZwi, ngoba uNkulunkulu angathumela kuphela ngeZwi laKhe. Niyabo? Niyabo, Umele ahlale ngaseZwini laKhe. Khona-ke uma thina singena eBukhoneni baKhe, uma umuntu eke wangena eBukhoneni bukaNkulunkulu, uguqukile kuze kube phakade, uma kukhona ukuguquka kuye. Manje, kukhona labo abangahamba eBukhoneni bukaNkulunkulu futhi bangaLinaki. Akagcotshelwanga ukuPhila. Kodwa uma amiselwa ngaphambili nguNkulunkulu, kuthi nje umnyakazo wokuqala ungashaya, uyakwazi. Lokho kubamba umlilo.

44 Buka lesosifebe esincane ezansi lapho ngalolosuku eSamariya, lowo owesifazane. Wayesesimweni esibi ngokomqondo nangokomzimba. Siyakwazi lokho. Kodwa ngokushesha nje lapho ebone lesosibonakaliso senziwe, sikaMesiya, wathi, "Siyazi uMesiya uyeza ukwenza lokhu. Wena ufanele ukuba ngumprofethi waKhe."

Wathi, "Ngiyilowo Mesiya okwalotshwa ukuthi uyeza."

45 Wakuqonda. Akabange esabuza omunye umbuzo. Waqala ngokushesha ngqo ngomthwalo, ukwazi ukuthi uma wayethole lokho futhi wangena eBukhoneni bukaNkulunkulu, wayebophezelekile ukuba atshele omunye umuntu ngakho. Haleluya! Kunjalo. Noma yimuphi umuntu ongena eBukhoneni bukaNkulunkulu ubophezelekile phambi kukaNkulunkulu, kusukela kulowo mzuzu kuqhubeke, ukutshela omunye umuntu. Buka u-Abrahama, buka uMose, buka UPetru, buka uPawulu. Umzuzwana bangena eBukhoneni bukaNkulunkulu, bazibona bona uqobo njenge "zoni," futhi baphawula ubufakazi babo ngokuphila kwabo. Buka inenekazi elincane, alibange lisakwazi ukuhlala, laya emzini futhi latshela abantu, "Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Akusiye uMesiya lona na?" BabengenakuKuphika, ngoba kwakungukomBhalo. Impela. Yebo, babefanele bakwenze, indoda, uma sinomthwalo wokutshela abanye njengoMose enza, njengoba kwenza uPetru, njengoba kwenza uPawulu. Ngemuva kwalezizinto, niKubonile futhi ungena eBukhoneni baKhe, ubophezelekile ngoMlayezo ukufinyelela komunye umuntu. Awukwazi nje ukuhlala uthule naWo. Kumele uWuthathe uwuyise komunye umuntu.

46 Ngikhumbula udade omdala wayevamise ukuba lapha, umama kaMfowethu Graham Snelling, wayevame ukuhlala khona lapha ebandleni, futhi wayehlabelela, "Ngifinyelele nje! Ngiyagijima, gijima, gijima, futhi ngifinyelele nje futhi angikwazi ukuhlala phansi." Wayesanda kuthola okuthize. Ngakhuphukela ebandleni elincane lamakhaladi ngapha eLouisville, futhi bonke wayemile, ecula, "Ngigijimela phezulu eMgwaqeni ophakeme weNkosi, ngisanda kuwuthola nje, futhi ngenyuke ngoMgwaqo ophakeme!"

47 Kukhona okuthize ngakho, uma uthola uKristu, awukwazi ukuba ube usathula. Zonke izinsuku zakho ungumuntu oguqukile, ngokuba uma ukuphila nokuPhila kuhlangana ndawonye, kwenza ukuKhanya okukhanya kakhulu. Qiniso. Uma ibhalubhu ihlanganiswa nentambo kagesi, uma kuyibhalubhu efanele, izofanele inikeze ukukhanya; uma ukuhamba kukagesi nebhalubhu kuhlangana ndawonye, akukho okungenziwa kepha ukusabalalisa ukukhanya. Kufanele kukwenze. Futhi uma indoda noma owesifazane emiselwa ngaphambili ekuPhileni okuPhakade, futhi babona ukuhamba kukagesi kukaNkulunkulu kubamba leyo bhalubhu, kuzophosa ukuKhanya kuyo yonke indawo okungakwenza. Ungahle ungabi ngaphezu kwesilinganiso esiyishumi sikagesi, kodwa uzosabalalisa lokho kuKhanya onakho. Uma ungesiso isilinganiso esingamakhulu amahlanu kagesi, usabalalisa ukuKhanya kwesilinganiso esiyishumi sikagesi. Nikeza ukuKhanya kwakho! "Makukhanye ukukhanya kwenu phambi

kwabantu, ukuze babone imisebenzi yenu emihle futhi badumise uBaba oseZulwini." Yebo, mnumzane.

48 Uma umuntu ehlangana noNkulunkulu, uzibona yena "engalungile." Umuntu angahamba kanjani azulazule futhi aqhoshe ngokuthi mkhulu kangakanani nakho konke akwenzile, uma engelutho na? Akalutho kwase kuqaleni nje. Ngelinye ilanga ezansi eMemphis, eTennessee, noma eyodwa . . . angicabangi ukuthi kwakuseMemphis. Kwakungenye yezindawo lapho. NganginoMfowethu Davis futhi ngangine—nemvuselelo. Kungenzeka ukuthi kwakuseMemphis. Futhi sasi, saya endlini enkulu yezemidlalo, futhi babenakho phakathi lapho, kwakungesiyo indlu enkulu yezemidlalo, kwakuthi akube yisitezi sasehholo lobuciko, futhi babene—nezithombe ezinkulu ukuthi ababezithole ezingxenyeni ezehlukene zomhlaba, ezehlukile, oHercules nokunye nokunye, futhi izingcweti zemifanekiso ezinkulu zaziyidwebile. Futhi khona-ke babenokuhlaziya komuntu owayesinda amaphawondi ayikhulu namashumi amahlanu. Uyazi ukuthini, ukuthi ubizani na? Amasente angamashumi ayisishiyagalombili nane. Yilokho kuphela ayikho. Amasente angamashumi ayisishiyagalombili nane yikho konke—konke amakhemikhali ongawathola kuye. Unomcaka nje owenele ukufafaza isidleke senkukhu, futhi unokwenele, isakhimzimba ikhalsiyamu encane nje, isakhimzimba ipotashi encane. Konke bekungathengiswa ngamasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane. Kodwa sinakekele lawo masenti angamashumi ayisishiyagalombili nane futhi sikutotose.

49 Kwakukhona abafana ababili bemi lapho, omunye wabuka omunye, wathi, "Jim, asibizi kakhulu kangako thina na?"

Wathi, "Qha, asinjalo, John."

50 Ngathi, "Kodwa lindani kancane, bafana, ninomphefumulo phakathi lapho obiza amazwe ayizinkulungwane eziyishumi, obunga, ungahlengwa ngamandla kaNkulunkulu, uma nje uzowavumela."

51 Umuntu, uma ebona lezizinto, ubophezelekile ukutshela abanye. Ngikubonile ngenkathi ngisengumfana nje. Ngichithe impilo yonke kukho. Ngiyadabuka kuphela nginokuphila okukodwa, ngifisa sengathi benginezinkulungwane eziyishumi. Uma benginePhakade, bengizolokhu ngifuna ukutshela abantu ngakho, ngoba kuyinto enkulu ukwedlula zonke engake ngayithola. Uma uzofunda uHezekeli 33, isahluko 33 sikaHezekeli, kwakukhona umlindi owayehlala embhoshongweni, futhi lomlindi wayebophezelekile umuzi wonke. Amen. Manje, vuka, zivuse kunembeza wakho wokomoya umzuzu, ngenkathi ngisathola lomBhalo. Lowo mlindi kwakudingeka kube yindoda eqeqeshiwe. Kwakudingeka azi ukuthi wayenzani, ngoba kunoma yiliphi ibanga, ngokushesha

nje bangavuka, isitha, wayengakubona. Wayengakusho ukumasha kwabo, wayengawusho umbala wabo, wayengasisho isikhundla sabo nefayela. Okuqhele nje njengoba amehlo abantu engabona, wayengakubona. Futhi wayephakeme kunabo bonke abanye kubo, ngoba wayeqeqeshelwe ukwazi isitha. Futhi uNkulunkulu wayefuna umuzi wonke esandleni sakhe. "Mlindi, sikhathi sini na?" Haleluya!

52 Yileyondlela amasosha kaNkulunkulu ayiyo namhlanje. Aqeqeshwe eZwini. Uma noma yini ikhuphuka enopholishi omncane kuyo, enento ethize engesiwo umBhalo, bayalexwayisa ibandla labo. Noma yini engelona iBhayibheli, noma yini enge—engafani noNkulunkulu, njengokuba namasapha amasobho, imidanso, nakho konke okunye, ukukhokhela abelusi. Lezo zinto azilungile. Imidlalo yokuwaka namaphathi amakhadi emabandleni, kuliphutha! Futhi umlindi wangempela odongeni, oke waba sebuBukhoneni bukaNkulunkulu... Uma engekho odongeni, uma nje efanele abe sodongeni, udonga lungahle lungabilude kunebandla lonke. Kodwa uma engumlindi olungile, uNkulunkulu uyamvusa aze ayothi ngqu phezulu angene ezibhakabhakeni ukuthi bonke abanye babo ngeke bafika. Kodwa uqapha umhlambi, futhi uNkulunkulu ukufuna kuye! Umuntu kaNkulunkulu omi eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi uyazi ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu, futhi wazi ukuthi uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe, futhi aqaphele uNkulunkulu enza Yena uqobo futhi enze umsebenzi waKhe futhi agcine iZwi laKhe, khonake akukhathaleki ukuthi zingaki izinhlangano noma amahlelo elizama uKulihlubulela phansi, uyasazi isikhundla nefayela lesitha. Amen. Uyazi ukuthi alitshele ini ibandla, umlindi wangempela.

53 Uma sivumile ukuthi Unguye, kade siseBukhoneni baKhe, futhi sizivumile izono zethu, zesuliwe encwadini yenkumbulo yaKhe. Akukho muntu kepha uNkulunkulu angakwenza lokho. Manje, ungenza noma yini kimina, ngizokuthethelela, kodwa ngizokukhumbula. Uma ngenze noma yini kuwe, ubuzongithethelela, kodwa uzokukhumbula. Kodwa uNkulunkulu angathethelela futhi akukhohlwe. Cabanga ngalokho, "angakukhumbuli ngisho!" Amen. Lokho kungenza ngizizwe ngikahle. Uma kungasakhunjulwa nhlobo, akukho lutho olungakwenza kepha uNkulunkulu. Akukho lutho kodwa uNkulunkulu ongakwenza lokho. Wathi uyolisula encwadi yaKhe yenkumbulo. Angeke ngikwenze, ungeke ukwenze, ngoba sinalemizwa emincanyana ephelayo. Kodwa Yena akanakuphela, uNkulunkulu, Angakukhohlwa ngokuphelele ukuthi kwake kwenziwa. Amen.

54 Inenekazi elincane liza livela ebandleni lasezweni, noyise wayeyimfeshini endala, umshumayeli omemezayo, noma ilungu lebandla. Futhi ngakho langena edolobheni, futhi lazihlanganisa

lonke nabesifazane ezansi lapho, futhi lathola ukwenza njengoba babenza, futhi izimfashini. Futhi ngelinye ilanga lathi ukuba namahloni ngobaba walo nomama ukuba beze, noma uyise, njalo, unina wayesafa. Ngakho indoda endala, into kuphela eyayingayenza, ngukuvuka ekuseni, idle ukudla kwayo kwasekuseni futhi ithole iBhayibheli futhi iLifunde, futhi ikhale futhi ithandaze futhi imemeza usuku lonke, futhi igijime yehle yenyuke ekamelweni, futhi lona lalithi ukuphoxeka kancanyana ngakho. Ngakho khona-ke—khona-ke uma sonke isikhathi ebusuku, uma ebambe iBhayibheli, waqala ukuLifunda, wayevuka aphume embhedeni, futhi ampompoloze, "Udumo kuNkulunkulu! Haleluya! O, udumo kuNkulunkulu!" Ashwibe nje futhi akhale uhhafu wobusuku.

55 Ngakho ngeliny'ilanga lalizobungaza amalungu ebandla lalo edilini elincane letiye njengoba babehlale bebanalo, niyazi, ngakho lalingazi ukuthi lalizokwenze njani ngobabayi walo. Emva kwakho konke, kwakungubabayi walo. Ngakho lanquma ukuthi lalizombeka ekamelweni elingaphansi kophahla elisesitezi, futhi lathi, "Babayi, awufuni ukuba lapho kukhona laba besifazane, uyafuna na?"

Wathi, "Qhabo, angikholwa ukuthi ngifuna ukwenza lokho."

56 Yena wathi, "Awu, sizoba nesonto labesifazane enhla lapha namhlanje, futhi sizoba nomhlangano omncane, umhlangano omncane womkhuleko. Ngakho ngi—ngiyakutshela, babayi, awenyukeli ngani ekamelweni elingaphansi kophahla elisesitezi na?"

Wathi, "Ngikholwa ukuthi nje ngizokwenza lokho."

57 Ngakho lathi, "Funda lencwadi enhle." Futhi lamnika umumo wezwe. Lathatha iBhayibheli lakhe kuye ukuze ezothula. Ngakho azile ukuthi uma efunda iBhayibheli, kungani, wayezokwenza umsindo omningi phezulu lapho. Ngakho uphezulu enhla lapho, niyazi, lapho babe nedili labo. Ngakho lamnika umumo wezwe, lathi, "Lena yinto enhle. Ufanele ukufunde, babayi, ngoba kukutshela lonke iqiniso ngezwe."

Awu, wathi, "Ngizojabula ukufunda lokho."

58 Ngakho wathi, "Manje yenyukela lapho futhi uhlale uthule ngempela baze laba besifazane bahambe, futhi khona-ke . . . ubuyele phansi bese ungenza noma yini ofuna ukuyenza." Wavuma ukukwenza. Ngakho uya phezulu esitezi, uhlezi phezulu lapho.

59 Futhi bonke babenedili labo letiye, niyazi, bekhuluma ngo *kuthi nokuthi*, futhi uyazi ukuthi kuhamba kanjani, benaso sonke lesosikhathi esikhulu. Futhi cishe ngalesosikhathi into ethize iyanqunywa phezulu esitezi, konke ukumpompoloza nokugxuma, nokunamekiwe kuwa. Ikhehla ligijima lehla lenyuka ekamelweni eliphezulu elisesitezi ngokukhulu ukushesha, ligxuma phansi naphezulu, futhi lidazuluka,

"Udumo kuNkulunkulu! Udumo kuNkulunkulu!" Abesifazane babengazi ukuthi kwakwenzekeni phezulu lapho, lokho ababenakho phezulu esitezi. Ngakho phansi ngqo amanyathelo uyeza, ngokukhulu ukushesha.

Lathi, "Babayi, ngikunika umumo wezwe ukuba uwufunde."

60 Wathi, "Yebo, ngiyakwazi. Uyazi," wathi, "bengifunda kulomumo wezwe lapha lapho kukhona izindawo olwandle ezingenalo iphansi kuzo." Futhi wathi, "Ngifunde ngapha eBhayibhelini izolo, Wathi Wafaka izono zami 'olwandle lokukhohlwa.' Udumo kuNkulunkulu! . . .? . . . " Wathi, "Zisahamba. Azinakuphela, zisalokhu ziqhubeka zihamba." Kunjalo. Futhi wayememeza ngakho. Awu, kunjalo.

61 UNkulunkulu ubeka izono zethu olwandle lokukhohlwa, uyazesula, futhi kunjengokungathi azikaze zenzeke. O, he! Khona-ke simi ngomusa kaNkulunkulu, ngoJesu Kristu iNkosi yethu, sihlanzekile futhi singcwele, singcwele njengoba Wayenjalo, ngoba Akangiboni uma ngenyukela lapho, Ubona iNdodana yaKhe uQobo. Indlela kuphela Angayibona . . . angengibone, ngoba ngiseNdodaneni yaKhe. Futhi Ubona kuphela iNdodana yaKhe. Lokho akumangalisi na? Asidingi ukuba sibe sisacabanga ngezono nhlobo, konke sekuhambile, kungaphansi kweGazi. Yebo, mnumzane. Akudingeki ukhathazeke ngakho nhlobo, konke kuphumile, futhi kungaphandle kwenkumbulo kaNkulunkulu. Akasalokothi ngisho akukhumbule nhlobo.

62 U-Isaya, lowo mprofethi onamandla, lapho evuma izono zakhe, wathi, "Maye kimi, ngoba ngingumuntu ozindebe zingcolile." Umprofethi! "Ngingumuntu ozindebe zingcolile, nebandla lami lingcolile." Niyabo? "Abantu engishumayele kubo, bangcolile. Ngingcolile. Futhi maye kimi. Kodwa nakhu kuqhamuka isixuku seziNgelosi ezansi sivela eNkazimulweni kaNkulunkulu, siphephetha sibuyisela emuva a—amafu, futhi ngibuka phezulu lapho futhi ngibona umsila wengubo yaKhe ugcwalisa lonke iZulu. Futhi ngiqhaphela lezi ziNgelosi ezingakaze zazi ukuthi isono sasiyini. Azikaze zazi ngisho ukuthi isono sasiyini, futhi lapho, eBukhoneni bukaNkulunkulu, zinamaphiko amabili ebusweni bazo, zinamaphiko amabili ezinyaweni zazo, futhi ziyandiza ngamaphiko amabili, futhi zikhala imini nobusuku, 'Ingcwele, ingcwele, ingcwele iNkosi uNkulunkulu.'" Whewu. Lokhu kuyokwenza uzizwe ungongengcwele, akunjalo na? Manje, wenzani na? Wathi, "Maye kimi."

63 Futhi lapho esevume izono zakhe futhi wathi "maye kimi," iNgelosi yawela futhi yathatha udlawu, yacosha ilahle lomlilo elimele uMoya oNgcwele noMlilo, futhi iyafika ngapha futhi yalibeka ezindebeni zomprofethi, futhi yathi, "Ngikuhlanzile."

Khona-ke amaphiko ahlangula indlela yawo kanjalo, agudluza amakhethini esikhathi, futhi wezwa uNkulunkulu ethi, “Ngubani oyakusiyela na?”

64 Kodwa emva kokuba esethole ukuthi kwakukhona indlela yokususa isono, uNkulunkulu wayefuna umuntu ozoMhambela, futhi wathi, “Nangu mina, ngithume.” Wayekade eseBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi wayevume izono zakhe, futhi wayehlanziwe ezonweni zakhe, futhi wayeselungele ukukhonza. Amen.

65 Njengoba imbongi yakubamba lokho, yathi, “Izigidi manje zifela esonweni nasehlazweni, lalela ukukhala kwabo okudabukileyo nokumunyu. Sheshani, mfowethu, sheshani nibophule; ngokushesha phendula, ‘Nkosi, nangu mina.’”

66 Uma ngicabanga nge-Afrika, eNdiya, nasemhlabeni jikelele, izigidi zabahedeni bempompoloza futhi bekhalela umusa, futhi ngubani ozohamba na? Ungabanikezi incwajana, kodwa balethele uJesu Kristu. Umuntu othile eBukhoneni baKhe, njengoMose, owayengehlela ezansi lapho futhi abakhombise ukukhululwa kweqiniso. Hhayi ukubenza bajoyine isonto, noma baxhawulane futhi babe nesivumokholo, kodwa ukuletha ukukhululwa emphefumulweni wabo; indoda ethize enhle emesabayo uNkulunkulu. Yebo, u-Isaya wazivuma izono zakhe futhi wahlanzwa.

67 Emva kokuba uJakobe ebambane ubusuku bonke, ekuvumeni izono zakhe, uyayikhumbula indawo ayekuyo na? Yayibizwa ngokuthi iPeniel, P-e-n-i-t-e-l, Peniel. Igama elithi *Peniel*, ngesiHeberu, lichaza ukuthi “ubuso bukaNkulunkulu uSomandla.” UJakobe, umkhohlisi omncanyana wayegijime konke. . .igama lakhe lalingu*Jakobe*, okusho ukuthi “umqineli,” lowo ngumdukisi, wayegijime konke ukuphila kwakhe, waqhela kuNkulunkulu, kodwa ngenkathi ethola isikhathi esisodwa eBukhoneni bukaNkulunkulu ePeniel, ebusweni bukaNkulunkulu, wabamba uNkulunkulu futhi wayengenakuMdedela. Nkulunkulu, sidinga oJakobe abaningi. Wabambelela ebusweni bukaNkulunkulu, eBukhoneni bukaNkulunkulu, wahlala kwaze kwaphuma ilanga. UNkulunkulu wathi, “Ngivumele ngihambe, ngoba ilanga seliyaphuma.” Futhi wahlala ebusweni bukaNkulunkulu kwaze kwaphakama ilanga, kodwa wasuka eselungisisiwe futhi esindisiwe. Hhe.

68 O, into enkulu kangaka okwakuyiyo, manje, ukwazi ukuthi wayebambane gulukunqu. Lokho ngukuthi, wayebonile izibonakaliso zikaNkulunkulu, wayekade ebe namaphupho ngoNkulunkulu, kepha lesi kwakuyisikhathi esisodwa wayesebusweni bukaNkulunkulu, eBukhoneni bukaNkulunkulu. Kucabangeni, bangani. Manje, njengoba sisheshisa. EBukhoneni bukaNkulunkulu, indoda iyaguqulwa.

UJakobe waguqulwa. Manje wayengahamba noNkulunkulu. Yebo, wayengumuntu ohlukile kunalokho ayeyikho ngenkathi ekhuphukela lapho. Impi manje yase iphelile. Yebo, mnumzane. Futhi uqala ukwakha i-altare. Wayengakwejwayele ukwakha ama-altare, niyazi. Kodwa, ngiyanitshela, uma ungena eBukhoneni bukaNkulunkulu, ufuna ukwakha i-altare ndawana-thize. Ufuna ukuthola indawo lapho ongakhuleka khona. Wakha i-altare. Wayesehlanziwe, futhi uNkulunkulu wayenqobile.

69 Futhi uJakobe waguqulwa ukusuka ku*Jakobe*, "umqineli," kuya ku-*Israyeli*, "inkosana, enamandla noNkulunkulu." Yilokho okwenzeka kuJakobe. Umqineli, umkhohlisi, ongalungile, ongengcwele, umkhohlisi, wakhohlisa umfowabo, weba ubuzibulo, njengoba kwabanjalo, kumfowabo, wathatha indlela encane engcolile yokukwenza, umkhohlisi onjalo. Wakhohlisa umkhwe wakhe. Wabeka izinti zompopula futhi wenza amankonyane amanakanaka, ngenkathi amankomazi emithi efika lapho, kubukeni nje, nezimvu. . . ungabona lolothi olwalumanakanaka futhi lwenza izinkomo ezimanakanaka, lwazinika omaki bokuzalwa. Umkhohlisi, ekhohlisa umkhwe wakhe uqobo. Wakhohlisa unina, wakhohlisa ubabayi wakhe, wakhohlisa umfowabo, kodwa kwathi nje angangena. . . Wayengumkhohlisi. Wayegijima yonke indawo lapho ehamba, njalo ebalekela uNkulunkulu, wayebalekela umfowabo. Kodwa lapho efika eBukhoneni bukaNkulunkulu, waqonda ukuthi wayeyisoni. Wenzani na? Wenzani na? Wabona ithuba lakhe. Wayehlangabezane nento ayengakaze ayicabange ngaphambilini, futhi wahlala lapho kwaze kwathi zonke izono zazingasekho. O, he! UNkulunkulu wamfaka eBukhoneni baKhe uQobo.

70 UNkulunkulu wenza indlela ukuthola amadoda eBukhoneni bawo, khona-ke benza isinqumo sabo. Abanye babo babaleka kuYe, abanye babalekela kuYe. Uma babemiselwe ukuPhila, baLikholwa, balenga kuLo. Uma bengenzanga, bazama ukuhamba bese bethi, "Akukho lutho kuLo." Niyabo? Futhi lowo ngumfo olahlekile. "Umfo ovuma isono sakhe, uzoba nokuxolelwa. Uma ufihla isono sakho, angeke uphumelele." Qhabo.

71 Ngakho uJakobe lapho yena, niyazi, ngakusasa wahlangana no-Esawu umfowabo. Akadinganga lusizo kuye ngaleso sikhathi. Akadinganga amabutho akhe. Wayesemsebenzini akha ama-altare. Wayengasabemesabi u-Esawu nhlobo.

72 AmaHubo 16:8, uDavide wathi, "Ngibekile iNkosi phambi kwami." Lokho into enhle ukuyenza. AmaHubo 16:8, "Ngibekile iNkosi phambi kwami." Ngakho, wayengenakudideka ngakho. Wayefuna ukuzwa uBukhona baKhe, ngakho uDavide wathi, "Ngibekile iNkosi njalo phambi kobuso bami. Manje mina, Davide, ngibekile iNkosi phambi kobuso bami, njalo ukuzwa—

ukuzwa uBukhona bukaNkulunkulu." Bekungeke lokho kube yisifundo sethu sonke kulobubusuku na? Beka iNkosi phambi kobuso bethu ukuze sizokuzwa uBukhona baKhe. Beka Yena kuqala. Ngani na? Beka Yena kuqala, phambi kwakho. Ngani na? Khona-ke ngeke wone uma uqonda ukuthi njalonjalo useBukhoneni bukaNkulunkulu. Uma uqonda ukuthi uNkulunkulu useduze, uyakuqaphela okushoyo

73 Indoda, uma icabanga ukuthi uNkulunkulu uhambile, izothuka, izokhanukela abesifazane, izokwenza . . . izokweba, ikhohlise, iqambe amanga. Izokwenza noma yini uma icabanga ukuthi uNkulunkulu akayiboni. Kodwa ingenise eBukhoneni bukaNkulunkulu, iyokuyeka khona manje. Niyabo? Futhi uDavide wathi, "Ngibekile iNkosi njalo phambi kwami." Lokho yinto enhle. Akumangalisi ukuthi uNkulunkulu athi uyindoda yenhliziyo yaKhe uQobo. Indoda iyokwenza konke uma icabanga ukuthi uNkulunkulu akaseduze. Kodwa uma iqonda ukuthi uNkulunkulu useduze, sewake wasiqaphela isoni na? Makuthi indoda esaba uNkulunkulu ikhuphuke, izokuyela ukuthuka kwayo, uma inakho ukuhlonipha impela. Niyabo? Ayisoze yawaxoxa amahlaya angcolile ebingawaxoxa. Niyabo? Niyabo, izokushiya lokho, ngoba iyazi ukuthi iseBukhoneni bukaNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu uhlala etabernakele labantu baKhe. Niyabo?

74 Emva kokuba uDavide esenze lokhu, wathi, "Inhliziyo yami iyojabula." Ngifisa sengathi beningakufunda lokhu, amaHubo 16. "Inhliziyo yami iyojabula, nenyama yami iyohlala ngokwethemba." Ngani na? Inhliziyo yami iyojabula ngoba nginoNkulunkulu ngaphambi kwami ngaso sonke isikhathi. "Nenyama yami iyohlala ngokwethemba; uma ngifa, ngizovuswa futhi. Ngokuba Akayikuvuma ONgcwele waKhe abone ukubola, kanjalo Akayikushiya umphefumulo waKhe esihogweni." Niyabo? Lapho uDavide ebeka uNkulunkulu phambi kwakhe, futhi wayenokuzwa ukuthi njalonjalo wayeseBukhoneni bukaNkulunkulu. "Funani kuqala uMbuso kaNkulunkulu."

75 Manje lalela, bandla, ngiyanithanda. Futhi ngifuna ukuba ningilalele manje. Njengoba uMfowethu McCullough wayevamise ukuthi, "Ngizosho into ethize." Njalo beka iNkosi phambi kwakho, futhi ungenzi lutho obungeke ulwenze eBukhoneni baKhe, ngoba Uyakuqaphela. Niyabo? INkosi inkanise ngakulabo abaYesabayo. Ayi . . . Ihlala nje ngqo eduze kwakho. Futhi Yazi konke okwenzayo, futhi kufanele ukuqonde lokho. Uma uqala ukukhuluma amanga, ungakwenzi, khumbula, uNkulunkulu ukulalele. Uma uqala ukwenza ukukhohlisa okuncane, ungakwenzi, uNkulunkulu uyakubuka. Uma uqala ukuthatha iGama laKhe ngeze, ungakwenzi, uNkulunkulu ukulalele. Uqala ukubhema ugwayi, Uyakubuka. Niyabo? OwaKhe . . . Sasivame ukucula iculo, "Njalo emgwaqeni oya ekhaya lomphefumulo, kukhona iso elikuqaphele; zonke

izinyathelo ozithathayo, leliso elikhulu liphapheme, kukhona iso elikuqaphele." Khumbula, yenza njengoDavide, beka iNkosi njalo phambi kobuso bakho. Khona-ke inhliziyo yakho iyojabula futhi inyama yakho iyohlala ngethemba, ngoba Wakwethembisa. Yebo, mnumzane. Wayazi ukuthi uyovusa ngoba uNkulunkulu wakwethembisa. Kulungile.

76 Uma singena eBukhoneni baKhe, siyaguqulwa, asisoze safana. Buka phansi konke eminyakeni, kuyo yonke imihambo yokuphila, kumuntu. Buka u-Abrahama. Wena uthi, "Awu, impilo eguquliwe ingeyabefundisi nje." O, qhabo. Impilo eguqukile eyawo wonke umuntu. Niyabo?

77 Manje, u-Abrahama wayengumlimi, kodwa lapho ezwa iZwi likaNkulunkulu likhuluma naye, futhi wabona lowo mbono, wayeyindoda eguqukile kusukela kuleso sikhathi kuqhubeke. Wazihlukanisa izihlobo zomndeni wakhe, kubobonke ahlanganyela nabo, futhi wahamba njengomhambi nomfokazi, ezweni elingaziwa, konke ukuphila kwakhe, ehlala ematendeni, ngoba wavuma ngokucacile ukuthi wayefuna umuzi uMakhi noMenzi wawo kwakunguNkulunkulu. Wayazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu, futhi kwakukhona umuzi ndawana-thize oMakhi noMenzi wawo kwakunguNkulunkulu. Yilokho amaHeberu 11 asitshela khona, ukuthi wayefuna umuzi oMakhi noMenzi wawo kwakunguNkulunkulu. Wayeyindoda eguqukile, nokho yena wayengesilo utho kodwa umlimi nje. Kodwa wabona umbono futhi wangena eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi wayeyindoda eguqukile kusukela lapho kuqhubeke.

78 UMose, wayengumelusi wezimvu, kodwa wayeyindoda esiguqukile ngenkathi engena eBukhoneni bukaNkulunkulu. Wayeyigwala, wayebalekela uFaro, nayo yonke impi emuva kwakhe. Kodwa ngenduku esandleni sakhe, waphindela emuva futhi wathatha isizwe sonke. Niyabo? Ngani na? Ungena eBukhoneni bukaNkulunkulu. Wayeyindoda esiguqukile, umelusi wezimvu.

79 UPetru, umdobi, wayengazi lutho ngokudoba. . .noma wayengazi lutho ngoNkulunkulu, into kuphela mhlawumpe ayeyazi ukuthi ibanjwa kanjani inhlanzi. Kodwa ngenkathi efika eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi ubone uMdali omkhulu Owayengadala inhlanzi, ngenkathi Emtshela ukuba ahlise amanetha ukuba adonse. Kwakungekho nhlanzi lapho, wavele nje wadonsa amanetha akhe phezulu. Kodwa wathi, "EZwini laKho, Nkosi. Ngiyakholwa ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, futhi uma Uvumela. . .uma ngehlisa inetha, Ungitshele ukuba ngikwenze; ngeZwi laKho, ngoba Wena neZwi laKho niyefana, ngiyehlisa inetha." Futhi lapho eqala ukudonsa, wathi, "Suka, Nkosi, ngingumuntu oyisoni." Niyabo, umdobi, emuva kokuba uPetru ehlangane noKristu akaphindanga wafana nhlobo.

Yena, emva kwalokho, wayethembeke kakhulu kuNkulunkulu, wanikezwa izihluthulelo eMbusweni. Yebo, mnumzane.

80 UPawulu, umFarisi oyisitayela, ofundile futhi wayeqeqeshwe kuyo yonke inkolo ye. . . ukuthi leyo eyake yabakhona emhlabeni ngalolosuku, omunye wezifundiswa eziphakeme kunazo zonke ezweni owaziwayo. Kodwa lapho efika ngaphambi kwaleyoNsika yoMlilo ngelinye ilanga, uNkulunkulu lowo ayekade emhluphile, ngokungazi. WayengumFarisi, wayengakholwa ukuthi uNkulunkulu wayenguMuntu. Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayeyiNsika yoMlilo, Yahola abantu baKhe bephuma eGibhithe, Yayikade inabo sonke isikhathi. Kodwa lapho ebona leNsika yoMlilo, wawa ngobuso. Futhi wezwa iZwi lithi, "Sawulu, uNgihluphelani na?"

Wathi, "Ungubani, Nkosi na?"

81 Wathi, "NginguJesu." Wayengumuntu, owathi, "Ubhaphathizwe kanjani na? Wayekade eseBukhoneni bukaNkulunkulu. Wayeyindoda eguqukile kusukela lapho kuqhubeke, wayekade eseBukhoneni bukaNkulunkulu. Kuguqula umuntu.

82 UCharles G. Finney, ummeli, ummeli omkhulu waseFiladelphia, kodwa ngenkathi engena eBukhoneni bukaNkulunkulu wehlisa isifundo sakhe somthetho futhi waba umshumayeli onamandla kunabo bonke lesisizwe esake saba naye okwamanje.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . wayengumshumayeli, ngoba ngelinye ilanga uza eBukhoneni bukaNkulunkulu. Wacabanga, kanye, wayefunde inkolo. Uyayazi incwadi yakhe. Nginomlando wempilo yakhe. Waphuma ukuyokhuleka. Wacabanga ukuthi wayengumshumayeli. Wayenesifiso, ukuthi wayefuna ukushumayela, futhi wayenezinkonzo ezimbalwa ayezama ukuzishumayela. Waphuma ngelinye ilanga, ngaphandle kwehhovisi lakhe, ukuba akhuleke, waphumela emahlathini. Wehlela phansi emuva komdala umuthi owiswe ngumoya, lapho ayeyakhona njalo ntambama. Ekholwa kakhulu, kodwa wayengakholelwa kuLokho.

Kwakukhona abesifazane ababili ebandleni, ababeqhubeka bethi, "Mnu. Finney, siyakhuleka ukuthi uzomukela uMoya oNgcwele."

Wathi, "Nginawo uMoya oNgcwele." Wathi, "Ngingumshumayeli."

83 Bathi, "Mnu. Finney, uyindoda enkulu, futhi unokubamba okukhulu eZwini, kodwa udinga uMoya oNgcwele. Siyakukhulekela." Abesifazane abamnene abancane.

84 Ngakho waqhubeka, waqhubeka. Ngakho nsuku zonke wayephuma ngemuva kwehhovisi lakhe, ubasi wakhe nabo

bonke labo ayesebenza nabo, futhi wayephuma ehhovisi lakhe lomthetho futhi aphumele lapho ukuyokhuleka. Futhi ngelinye ilanga wayephandle lapho ekhuleka futhi wezwa ibhulashi liphuka. Wacabanga ukuthi ubasi wakhe wayenyuka, emzingela. Wagxuma ngokukhulu ukushesha. Wayethi, "Nkosi Nkulunkulu, ngiyaKukholwa." Futhi ibhulashi lephuka, wathola, "Mm! Mm! Mm!" waphakama futhi wathi, waqalaza, ubona ukuthi yini ephule ibhulashi. Futhi kwakungaleso sikhathi engena eBukhoneni bukaNkulunkulu. Waqonda ukuthi ibhulashi lalephukele inhloso. Wama lapho, izinyembezi zehla ngezihlathi zakhe. Wathi, "Mhlawumbe labo besifazane baqinisile. Nginamahloni okuthi othize angibone ngikhuluma noNkulunkulu wami, kodwa ngicabanga ukuthi bekuyinhlonipho kothize ukungibona ngikhuluma nobasi wami. Inkulu kangakanani iNkosi yami kunobasi wami!" Wathi, "Nkosi, ngithethelele futhi ngigcwalise ngoMoya oNgcwele," waqala ukumpompoloza nokumemeza. WayeseBukhoneni bukaNkulunkulu. Wagijima ehlela ezansi nedolobha ngokukhulu ukushesha eya ehhovisi lakhe. Wayempongoloza kakhulu impela kangangokuba kwadingeka ahambe ngemuva komnyango, wathi, "Nkosi, ngizoletha ihlazo phezu kwaKho. Ngifihle emuva lapha ngize ngedlule kulelilumbo." Ngani na? Wayefike eBukhoneni bukaNkulunkulu. Wayeyindoda eguqukile. Izintshumayelo ayevamise ukuzishumayela, washumayela lezo zintshumayelo ezifanayo nemiphefumulo yeza e-altare. Niyabo, wayekade eseBukhoneni bukaNkulunkulu.

85 UMoody, umthungi wezichathulo omdadlana, wayengabazi o-ABC bakhe impela. Kunjalo. Ukubhalwa nokukhulunywa kolimi kwakhe kwakukubi. Umuntu othize wamtshela ngeliny'ilanga, "Ukubhalwa nokukhulunywa kolimi kwakho kubi kakhulu, Mnu. Moody."

Wathi, "Kodwa ngizuza imiphefumulo ngakho." Ngakho . . .

86 Ngeliny' ilanga amaphephandaba, umhleli wahamba wabhala iphephandaba. Waya ngaleya ukubona ukuthi lendoda izibamba kanjani izixuku zabantu ngaphansi kwanoma yiziphi izimo, umfo omdadlana, ikhanda elinempandla, nakho konke, futhi wayenobuhwanqa bulengela phansi, uhlobo lokuqunjelwa yisisu, futhi wayengumuntu obukeka kabi ukuba umbuke. Ngakho leliphephandaba ngempela limnika ukubhala-bhala, lathi, "Angiboni ukuthi yini ezweni ukuthi noma ubani angakubona kuDwight Moody." Wathi, "Mubi, izwi lakhe liyanswininiza, unobuhwanqa buze buyothi ngqu phansi okhalweni lwakhe, unempandla njengethanga." Wathi, "Kanjani ezweni noma ubani ake ahambe ukuyobona noma yini kuMoody na?"

87 Ngakho imenenja kaMoody kwenzeka yakubona, yathi, "Buka, Mnu. Moody, ngizokufundela lokhu."

UMoody wayengenakukufunda ngokwakhe. Ngakho wathi, "Ngizokufundela ukubhala komhleli." Futhi wakubhala.

88 UMoody wavele waqhikiza ihlombe lakhe, wathi, "Impela ngeke, bezela ukuzobona uKristu." Kwakuyilokho kuphela. Ngani na? Wayekade eseBukhoneni bukaNkulunkulu. Kusukela ekwenzeni izithende zezicathulo, ukuze abantu bazigugise; wagqokisa abantu izicathulo ngeVangeli lokulungiselela. Ngani? WayeseBukhoneni kaNkulunkulu. Kunjalo.

89 Owesifazane omncane ngesinye isikhathi ufika eBukhoneni bukaNkulunkulu, njengoba wayenecala njengokungenzeka. Ngomzuzwana lapho ebona ukuthi wayeseBukhoneni bukaNkulunkulu, sonke isono sathethelelwa futhi wayehlanzekile futhi emhlophe njengomnduze. O, he. Bangaki abanye engingababiza lapha babantu, isikhathi ngeke sivume.

90 Kodwa ngifuna ukukhuluma kancane ngami uqobo. Yini engaba phansi kunami na? Ngangikuphi na? Ngiphuma emndenini wezidakwa, ngiphuma emndenini wababulali, ngiphuma emndenini wogweva. Futhi niyakwazi lokho, nonke niyakwazi, niyalazi uhlobo lwegama esasinalo lapha. Abantu babengakhulumi nathi emgwaqweni. Ngangehla ezansi nedolobha, ngiqala ukukhuluma nomuntu othize, akukho muntu owayengakhuluma nami ngaphandle uma kwakungekho muntu eduze. Babengakhuluma nami, omunye umuntu akhuphuke, babengishiya. Futhi ngangima lapho ngikhale, "Qhabo, lokhu akunjalo, ngeke kube njalo. Lokhu akulungile."

91 Kodwa ngolunye usuku ngingena eBukhoneni bukaNkulunkulu. Wangiguqula mina futhi wangenza olunye uhlobo lwendodana. Umusa waKhe wangiletha eBusweni baKhe. Angikaze ngifune ukuKushiya. Sengibe phakathi lapha manje iminyaka engamashumi amathathu nento. Angifuni ukuKushiya. Nginesiqiniseko sokuthi ngiyohlala ngiLapho. Ngisho nokufa qobo lwakho akusoze kwangehlukanisa eBukhoneni baKhe. Qhabo. Ngiyoba naYe kuze kube phakade. Ngenkathi ngibonile uBukhona baKhe okokuqala, ngakhala njengo-Isaya, "Maye kimi." Khona-ke Wangithinta ngomusa waKhe. Ngangingumuntu oguqukile. Imbuka elincane elalivamise ukuphumela lapha futhi liqhubeke nayo yonke into, laguqulwa, futhi kusukela lapho ngibe ngumntwana waKhe. Kusukela ngaleyonkathi, ngifise ukunikela impilo yami yonke ngenzele inkonzo yaKhe, ngifisa kuphela ukuba benginokuphila okungaphezu kwezinkulungwane eziyishumi ukuMnika. Lena eyodwa isiyaguga impela manje, iminyaka engamashumi amahlanu nantathu idlulile. Cishe engamashumi amathathu nantathu yaleyo ibe, noma engamashumi amathathu nambili yaleyo ibiseVangelini. Ngifisa ngabe benginenye inkulungwane ebengingayicitha. Ngani na? Lapho ngike ngaba seBukhoneni baKhe futhi ngaqonda ukuthi kwakukhona uMuntu Owayethanda ongathandeki, kwakukhona uMuntu

owayengithanda lapho kungekho namunye owayengithanda, kwakukhona uMuntu Owayenginakekela ngenkathi kungekho namunye owayenginakekela. Ngibeka izingalo zami ngokuzungeza isiphambano saKhe, ngiyasisingatha, futhi mina naYe sibamunye-ke. Futhi kusukela lapho kuqhubeke ngiyaMthanda. Wanemba isifuba sami nenhliziyo yami ngeGazi laKhe, ngokungithinta nokuthethelela izono zami, futhi ngiyajabula kulobubusuku ukuba ngomunye wabaKhe. Angikaze ngifise ukushiya lendawo yaseZulwini, nakuba umlingi ukukhohlisa mina kaningi ezamile; kodwa ngiphephile edokodweni likaNkulunkulu, futhi ngijabule othandweni lwaKhe nomusa, futhi ngiphila engxenyeni kahaleluya. He! Kwenza inhliziyo yami ithokoze.

92 NgiyaMncoma kuwo wonke umuntu okhathazekile. NgiyaMncoma kuwena ongenathemba. Wena ongakaze ube seBukhoneni baKhe, into kuphela okumele uyenze ukuvuma izono zakho futhi uqonde ukuthi unephutha, futhi uNkulunkulu unaleyo Ngelosi egcotshiwe kulobubusuku, ebizwa ngokuthi nguMoya oNgcwele, ezosusa zonke izono zakho. Khona-ke umemeze, "Nkosi, nangu mina, ngithume." Khona-ke uzophakamisa izandla zakho futhi uhlabelele, "NgoMdumisa! NgoMdumisa! Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni. Mnikeni inkazimulo, nonke nina bantu, ngokuba iGazi laKhe ligeze onk'amabala." NgiyaMthanda. Animthandi na? Ukuhlala eBukhoneni baKhe!

93 Ngiza epulpiti lapha kulokhu ukusa, ngizizwa kabi kakhulu futhi ngigula kakhulu e. . .Bengi—ngisezansi eKentucky ngeviki eledlule nabanye babangani bami abasondele kakhulu behlezi lapha. Ukuba behlale ezansi lapho isikhathi eside, bebengangibulala, impela bebeyokwenza, ngomusa, abanye babapheki ababedlula bonke engake ngabazi empilweni yami. Futhi uma ngifika emthamweni wami, usuvele ulayishwe ngokweqile, "Mfowethu Branham, ngeke yini ube nokunye kwalokhu na?" Futhi nje kuhle kakhulu, ngizama nje ukukuhlokoza phansi. Ngigcwele kakhulu angikwazi ngisho ukunyakaza. Angeke ngi—ngilale, futhi ngizosukuma futhi ngihamba hambe isikhashana. Futhi bengingazizwa ngikahle kakhulu ngenkathi ngingena lapha kulokhu ukusa. Kodwa kuthe lapho ngingena eBukhoneni baKhe, lokho kukuxazululile. Lokho kukuxazululile, khona-ke konke kunyamalele. Kunjalo. O, ukuhlala eBukhoneni baKhe!

> NgoMdumisa, ngoMdumisa,
> Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
> Mnikeni inkazimulo nonke nina bantu,
> Ngokuba iGazi laKhe ligeze onk'amabala.

Asikhothamise amakhanda manje.

[UMfowethu Branham uqala ukuhamisha *NgoMdumisa*—Umhl.]

Ngokuba Ungenzele okukhulu kakhulu.
Ungithethelele iziphambeko zami,
Futhi iGazi laKhe ligeze izono zami.

NgoMdumisa, ngoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Mnikeni inkazimulo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe ligeze onk'amabala.

[UMfowethu Branham ukuqala ukuhamisa *NgoMdumisa*—Umhl.]

94 Manje uma uphakathi lapha kulobubusuku. . .Futhi ngiyazi uBukhona baKhe bulapha. Ngimile phakathi lapho esikhashaneni esedlule, entombazanyaneni yeChurch of God, uMoya oNgcwele wangena phezu kwami ngenkathi ngangikhulekela lowo mntwana omncane. Abazali bebehla bevela ezansi ezinkundleni zokukhempa zase-Anderson Church of God. Futhi umboni ngapho, emazi umntwana, odokotela bathi "ubenga. . .uzofanele afe ngokushesha, unelukhemiya." Encanyana, intombazanyana emnene, emabangeni ayo okugcina manje. Iyabuya lapho futhi yabambelela kimi ngesandla sayo esincane, sasivuvukele sonke, nezinaliti nezinto zikuso, nokul'uhlaza sibhakabhaka. Ngayibuka, ngabona umbono. Abazali babekade befunda incwadi phandle lapho. Babengazi lutho ngakho. Umboni jikelele ekamu phezulu lapho wabatshela, wathi yehliselani umtwana lapha. Babefuna ukubuya ngenkathi sasinenkonzo yokuphulukisa. Futhi ngathi, "Lethani umntwana manje," ngazizwa ngiholeleka.

95 Ngenkathi ngangimi lapho, uMoya oNgcwele wabuyela emuva ngqo futhi wakhipha umlando womtwana. Washo konke ngokuthi kwenzekani, ababekwenzile. Washo ukulangazelela kwentombazane encane, kwakungukuba umdlali wopiyano. Futhi lowo mama wacishe nje wampompoloza. Futhi lowo babayi wathi, "Lelo yiqiniso likaNkulunkulu." Ngihlezi lapho ngqo emotweni manje ngikulalele, akungenanga, ngihlezi phandle lapho ngikulalele manje.

96 Nakho kufika iveyili enkulu yethunzi lilenga phezu komntwana. Futhi ngathi, "Sathane, unqotshiwe." "Awukhethi-muntu, Nkulunkulu. Futhi ngamandla aKho ovuko, futhi njengenceku yaKho, ngishayela lodeveli usuke emntwaneni." UkuKhanya okukhulu okukhanyayo kubanike phezu kwayo, kwasekuphelile. Amen. Hhe? Impela, Ufanele lonke udumo!

97 Wazi zonke izinto. Uyayazi inhliziyo yakho. Futhi uyazi ukuthi yini oyicabangayo; Uyakwazi, futhi. Uma kukhona isono esincane esilenga kuwe kulobubusuku, futhi awufuni ukuhamba ungene eBukhoneni bukaNkulunkulu nalokho kuwe, ungaphinda futhi uphakamise isandla sakho bese uthi,

"Mfowethu Branham, ngikhulekele, ngifuna ukuba seBukhoneni baKhe ngaloloSuku, ngingenacala." UNkulunkulu akubusise. Izandla eziningi, uNkulunkulu uyakubona. EBukhoneni baKhe. Manje ngizokutshela ukuthi wenzeni. Manje lalelisisa nje. Yenza njengoba uDavide enza, beka iNkosi phambi kwakho khona manje. Beka iNkosi phakathi kwakho nalesosono, noma ngabe lesosono esincane esithandelayo siyini. Kungahle kube ukuqamba amanga, kungahle kube ukutshontsha, kungahle kube ukucabanga okubi, kungahle kube ulaka, kungahle kube ukuphuza, kungahle kube ukubhema, kungahle kube ukugembula. Angazi ukuthi yini. Kungahle kube ukukhanuka. Kungahle kube noma yini. Angazi ukuthi kuyini. Noma ngabe yini, beka iNkosi phambi kwakho. Futhi khona-ke inhliziyo yakho iyojabula, futhi inyama yakho iyohlala ngokwethemba, ngokuba uyazi ukuthi uKristu wathembisa ukuthi Uyophinde avuke futhi ezinsukwini zokugcina. Uma Esefika, siyofana naYe. Ningekwenze yini manje, ngenkathi sisakhuleka na?

98 Baba wethu waseZulwini, uMlayezo omncane ogawuliwe ngenceku ekhathele ekhandlekile. Kodwa nje ukucabanga ngendaba ethi "ukuhlala eBukhoneni kaNkulunkulu." Futhi siyabona kulobubusuku umthelela wokuthi kubekwe emadodeni angcwele ukungena eBukhoneni baKho, umthelela okunawo phezu kwawo. Izazi, abaprofethi abakhulu abanamandla abagcotshwe nguNkulunkulu, futhi abathunyelwa ukushumayela iZwi, futhi nokho bahlangana naYe ubuso nobuso futhi bawele emhlabathini njengomuntu ofile. Sizokwenzani ngalolo suku, Nkosi na? Sikucabangisisile. Kade sikucabanga. Ezinye izandla ezingamashumi amane noma amashumi amahlanu kade sikucabanga, Nkosi, ngoba bavele nje baphakamisa izandla zabo, noma izinhliziyo ngaphansi kwesandla, ibicabanga ngokuhlangana naYe besalokhu besikhuluma. Bazokwenzani uma bebezohlangabezana naYe na?

99 Izandla zami, Nkosi, ziphakeme. Ngizokwenzenjani na? Manje, Baba, nginezinto eziningi engizenza ngokungalungile. Ngisanda kuvuma isono sami kulokhu ukusa phambi kwebandla, njengoba ngikuvumile kuWe esicongweni sentaba ngokunye ukusa ngenkathi lalivunguza futhi likhithika, futhi phezulu lapho esicongweni sentaba, ukuthi ngamemeza kanjani futhi ngaKucela ukuba ungithethelele ngenxa yobuwula bami. Futhi ngesaba kakhulu kanjani ukuza phambi kwabazalwane bami, abanye babo bangithatha njengomprofethi waKho oyinceku. Futhi, Nkosi, ngangikuzonda kanjani ukuza phambi kwabo futhi ngibatshele ngesenzo esiwubuwula ukuthi bengiyokwenza into enjalo, kodwa, Nkulunkulu, kuhle emphefumulweni wami ukuthi ngivuma izono zami futhi angizifihlanga. Ngakho ukuba qotho kuWe, futhi ngaphambi ngqo kwabantu, ngikuvumile, Nkosi. Nginephutha, nginephutha ngokuphelele. Ngikhulekela intethelelo.

100 Futhi-ke, Baba, kade ngilibele ngaWe, ukuKukhonza, izikhathi eziningi mhlawumbe ngabe kade ngahamba lapho ngangingakwenzanga. Baba, ngiyazivuma izono zami. Ngifuna iNgelosi kaNkulunkulu ingihlanze kulokho, ngeGazi likaJesu. Ezinye izandla ziphakamile kulobubusuku, abanye babo mhlawumbe abakaze bayicele intethelelo ngaphambilini; kodwa ngiqinisekile ngalento eyodwa, uma sizovuma izono zethu, uNkulunkulu uzosusa azikhiphe, azifake olwandle lokukhohlwa futhi angaphinde azikhumbule ne—neze. Futhi, Baba, njengoba ngivuma ezami, ngokungaziphathi kahle phambi kwalabobantu, angizange ngiziphathe njengenceku kaKristu. Angizange. Bengesaba ukuthi umuntu angahle angithukuthelele futhi acabange ukuthi bengingafuni ukulimaza imizwa yakhe, kodwa angicabanganga ngalokho ebengikwenza kuWe, Nkosi. Futhi manje ngi—ngikhulekela ukuthi Uyangithethelela. Futhi manje, Baba, ngiyazi ukuthi uma ngicela intethelelo nginayo intethelelo, futhi Uzifakile olwandle lokukhohlwa, futhi aWusophinde ukhumbule lokho nhlobo. Nkulunkulu, ngiyakubonga ngalokho.

101 Futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzovumela wonke umuntu lapha, onesono, isono esithandelayo sanoma yini phambi kwabo, kwangathi bangasisusa futhi babeke iNkosi phambi kwabo njengoba kwenza uDavide. Ngokuba manje simemeza, "Maye kimi, ngokuba ngibonile iNkazimulo kaNkulunkulu. Ngingumuntu ozindebe zingcolile, noma owesifazane noma intombazane ezindebe zingcolile, umfana, noma into ethize." Noma singaba yini, singcolile, futhi sicela iGazi likaJesu Kristu, uMhlatshelo ohlinzekelwe, ukusihlanza kuso sonke isono, ukuthi singake sihlale eBukhoneni baKhe njalo. Masihambe sisuka lapha kulobubusuku nezinhliziyo zethu zijabula, futhi inyama yethu ihleli ngokwethemba, sazi lokhu, ukuthi lapho uJesu efika, siyovuswa naYe ekufaneni naYe, futhi siyohlangana naYe emoyeni, oHlwithweni, lapho ukubala ngokuhlehla ekugcineni sekuphelile. Sibona unyaka webandla wesikhombisa usuvele awusabalwa, futhi sesilungele manje ukusuka. Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Wena, ngaphambi kokuba uvale umnyango, uma angaba khona oyedwa lapha kulobubusuku ongakaze angene, kwangathi bangashesha ngokukhulu ukushesha impela, ngokuba siyezwa ukuthi umnyango wesihe, phakathi kwesihe nokwahlulela, usuvaliwe. Labo abazokwamukela isihe bazongena. Labo abangenakungena bazofanele bahlulelwe. UNkulunkulu uvala umnyango. Kwangathi ungebebikho umnyango ovaliwe kulobubusuku kuzo zonke lezi zoni ezivumayo. Kwangathi sonke singaba nokuxolelwa nesihe. EGameni likaJesu Kristu.

102 Futhi manje, Baba, ngabagulayo nabahluphekile, kulabo abadingayo, ngiyakhuleka ukuthi umusa waKho uzonikeza bonke labo abawudingayo. Kwangathi bangangena kuKristu,

eBukhoneni baKhe. Beka uKristu, uKristu, isithembiso, "'Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zami,' leso yizono zami. 'Ngemivimbo yaKhe ngiphilisiwe,' khona-ke ngibeka iNkosi ngaphambi kokugula kwami. 'Ungakwesokunene sami, futhi angiyikuzanyazanyiswa,' khona-ke ngihamba ngiqhubeka ngesibindi, ngivuma ukuthi ngiphilisiwe. 'Ngemivimbo yaKhe ngiphilisiwe.'" Siphe khona, Nkosi, kubo bonke. Futhi siyazi ukuthi uma sivuma ngezinhliziyo zethu futhi, noma ngezindebe zethu, futhi sikholwe ezinhliziyweni zethu, khona-ke sinesifiso sethu.

103 Wena wathi, "Uma usho noma yini, kholwa ukuthi kuyenzeka, ungaba nakho okushilo." Siyakukholwa lokho, Baba, futhi siyakholwa ukuthi Uzosihlanza kuzo zonke izono zethu, uphulukise konke ukugula kwethu, futhi usiphe umusa, Nkosi, ukuba siKukhonze.

104 Yiba nalababantu. Abaningi babo bazohamba emigwaqeni emnyama kulobubusuku. Abaningi babo bazohamba amamayela amaningi. Ungavumeli lutho lwenzeke kubo, Nkosi. Bavela ezweni ukuba bahlale lapha ukulalela ukubala ngokuhlehla, ukubona ukuthi sasisondele kangakanani esikhathini sokuphela. Manje ngibacelile ukuba bahambe, bebeka uNkulunkulu phambi kwabo, njalo phambi kwabo, ngaphambi kwanoma yini enye. Ngaphambi kohambo lwabo, ngaphambi komnyakazo wabo, ngaphambi kokwabo—ngaphambi kokuba basukume, emva kokuba sebeyolala, njalo ngaphambi kokuba balale, noma ngabe kuyini, beka uNkulunkulu kuqala! "Ngokuba Ungakwesokunene sami, futhi ngeke ngazanyazanyiswa." Khona-ke kwangathi izinhliziyo zabo zingajabula, ukwazi ukuthi banakho abakucelile, ngoba uNkulunkulu wakwethembisa, futhi inyama yabo iyophumula ngethemba. Siphe khona, Nkosi, ngoba sikucela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

> NgoMdumisa, ngoMdumisa,
> Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
> Mnikeni inkazimulo nonke nina bantu,
> Ngokuba iGazi laKhe ligeze onk'amabala.

105 Manje niyakholwa ukuthi nibeke iNkosi phakathi kwenu nesono senu, phakathi kwenu nokugula kwenu, phakathi kwenu nephutha lenu, phakathi kwenu nezindlela zenu na? "INkosi ihlala njalo ngaphambi kwami, futhi ngiseBukhoneni baYo. Isikhathi esilandelayo lapho ngiqala ukokhela usikilidi, iNkosi ingaphambi kwami. Ngesikhathi esilandelayo lapho ngiqala ukukhanuka, iNkosi ingaphambi kwami. Isikhathi esilandelayo lapho ngiqala ukusho noma yini engalungile, iNkosi iphambi kwami. Isikhathi esilandelayo lapho ngiqala ukusho into ebhedayo, iNkosi iphambi kwami. Futhi angiyikuzanyazanyiswa. Amen. Ngizohlala eBukhoneni baKhe usuku ngalunye, ngokusebenzana kwami, usuku ngalunye

ngokukhuluma kwami. Ngizohamba kube sengathi iNkosi iphambi kwami, ngoba kulobubusuku ngiMbeke phambi kwami. Angiyikuzanyazanyiswa." NiyaMthanda na?

106 Manje, masisukume manje. O, ngizizwa ngikahle kakhulu. Ngizwa sengathi angifuni ukuya ekhaya. Futhi niyazi sekuthi akube yimizuzu engamashumi amabili nanhlanu kushaye elesishiyagalolunye, ngi-eli ngamahora amabili. Akumangalisi lokho na? O, he! Kodwa manje njengoba sihamba, asikhumbule, sifanele sihambe neGama likaJesu, njengesihlangu kubo bonke onoxhaka. Futhi lapho izilingo ezisizungezile zibuthana... zama ukusivimba ukukhumbula lokho, vele uphefumule leloGama elingcwele ngomkhuleko.

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana wokudabuka nowosizi;
Liyakukunikeza injabulo nentokozo,
O, Lithathe noma uyaphi.

Gama eliligugu (Gama eliligugu), O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu (Gama eliligugu), O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

107 Bangaki omjabulelayo umelusi wethu, uMfowethu Neville na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Anibongi yini eNkosini ngelungile, eqotho, indoda yansuku zonke, ikholwa yiVangeli na? ["Amen."] Futhi wenza umsebenzi omangalisayo kakhulu ngokulalela imiYalo kaNkulunkulu, nokushumayela iZwi nokugcina lesisimo sendawo sokomoya esikhulu ebandleni ngasosonke isikhathi. Khumbulani, ngivela ezansi oGwini oluseMpumalanga, ngihambe nganqamula iNingizimu, futhi phezulu oGwini oluseNtshonalanga, nokudabula eCanada, futhi angikaze ngihlangane nelilodwa ibandla elingelikamoya njengaleli lapha. Baye embewini, ya, kuphakathi kokuthi ubuhlanya, noma kuphakathi kokuthi kuye ekuchezukeni kokuthukuthela kwengane, noma phakathi kokubanda kakhulu abasakwazi nje ukunyakaza. Yilokho kuphela.

108 Manje, niyathandana na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, xhawulanani omunye nomunye, futhi nithi, "Mayidunyiswe iNkosi."

109 [UMfowethu Branham uxhawulana nabantu—Umhl.] Mayidunyiswe iNkosi. Mayidunyiswe iNkosi. Mayidunyiswe iNkosi. Mayidunyiswe iNkosi, dadewethu. Mayidunyiswe iNkosi. Ngiyajabula ubulapha, mfowethu. Mayidunyiswe iNkosi, dadewethu. UNkulunkulu akubusise. Kulungile. UNkulunkulu akubusise. Sizokwenza. UNkulunkulu akubusise. Ngiyakwazi okudingayo. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise.

Hamba neGama likaJesu,
Njengesihlangu kubo bonke onoxhaka;
Uma izilingo zikuzungeza, (Wenzenjani na?)
Phefumula leloGama elingcwele ngomkhuleko.

Gama eliligugu (Gama eliligugu), O limnandi kangaka! (O limnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu (Gama eliligugu), O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

110 Asikhothamise amakhanda ethu manje. Phansi impela, asingakukhohlwa lokho manje. Asilicule futhi lelovesi.

Hamba neGama likaJesu, (Okwani na?)
Okwesihlangu kubo bonke onoxhaka, (uma uSathane ezama ukukucupha);
Uma izilingo zikuzungeza, (Wenzani na?)
Vele nje uphefumule leloGama elingcwele.

"Ngokuba iNkosi iphambi kobuso bami; angiyikuzanyazanyiswa!"

Gama eliligugu (Gama eliligugu), O limnandi kangaka!

Mfowethu Neville.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org